


*UKWEMUKELA INDLELA*  
*EHLINZEKWE NGUNKULUNKULU*  
*NGESIKHATHI SOKUPHELA*

 [UMfowethu Carl Williams uthi, “Unjani, Mfowethu Branham?”—Umhl.] Unjani, Mfowethu Carl? Kuhle. Ngiyabonga. [UMfowethu Williams ukhuluma ebandleni, “Ningahlala phansi, ngiyacela.”] Hlehlisa esinye isihlalo. Kulungile. Ngesami na? [“Yebo.”] Mm! Nasi.

<sup>2</sup> Awu, kuhle ngempela ukubuyela endlini yeNkosi, kulobubusuku, futhi ikakhulukazi lena, ngoba ngibe nenhlanhla yokunikela lendlu yeNkosi, esikhathini esithize esedlule, ngenkathi owethu uMfowethu Sharritt oligugu akha lendawo. Futhi sayinikela eNkosini ibe eyenkonzozo yaYo. Futhi kuhle ukuba sendlini kaNkulunkulu noma nini. Akunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuyindawo enhle ngempela ukuba kuyo.

<sup>3</sup> Nasezansi lapha kulendawo enamakhaza, ukuthi kukuphi oku...Ngehlela lapha ukusuka esimweni sezulu esibandayo, futhi ngingene ngqo kuso. Ngithe izolo ebusuku, “Ngithemba ukuthi anginilethelanga nonke yonke lenkathazo.” Awu, uyazi, bathi ihlobo lithatha ukuphumula kwalo kobusika phandle lapha. Futhi mhlawumbe ubusika bufika ukuba bubuke phakathi kulo, libone ukuthi bekuhamba kanjani. Kodwa kuhle ukuba—ukuba lapha noma nini.

<sup>4</sup> Bengihlala njalo ngino—nokuyizwela iPhoenix, kusukela ngisengumfanyana. Ngiyayithanda iPhoenix. NePhoenix yayiyindawo yami yokuqala ukuba ngize ngishumayele kubantu owayengesuye owohlanga lwabantu abamhlophe. Lolo kwakungamaNdiya. Ngenyukela esabelweni. Ngiqagele kungahle kube nabantu lapha kulobubusuku okhumbulayo ngenkathi ngenza isithembiso kuNkulunkulu emsamo: uma Wayengaphilisa ohlulwa wuphuzo nowesifazane oneTB, ngangiya ezabelweni uku—ukuyokhonzisa kumaNdiya. Futhi angikhumbuza ngakho. Futhi omabili aphiliswa. Ngase ngenyukela eSabelweni iApache, nalapho iNkosi yasipha ukunqoba okukhulu.

<sup>5</sup> Angisalicabangi igama lalalonenekazi elaphiliswa linomdlavuza enhla lapho. Kwakuludaba olugqamile. Ngikholwa ukuthi laliyisithunywa senkolo enhla lapho, iAssemblies of God, ngokudlula konke ngiyakukhumbula lokho. Sahamba nalo, uMitchell. Futhi lokho kunjalo. Ngabe ukhona

noma ubani lapha owayekhona kulowomhlangano enhla lapho esabelweni ngaleyonkathi, ngalobo busuku na? Ngacabanga... Yebo. Kunjalo.

<sup>6</sup> Nga—ngacabanga ukuthi ngangizomelana nakho. A—angikwazanga ukuwenza akuqonde engangikuchaza. Angisoze ngabukhohlwa lobobusuku. Kwakukhona i...isikhathi eside emva kokuba ngase ngishumayele isikhashana, futhi ngawatshela ngoKristu. Ngangimi ezitebhisini zehhlo lemishini. Futhi ayenendawo igcwele, khona-ke onke ayengaphandle. Ngakho ngangikhuluma kuwo. Nento eyodwa eqamile, ngalobobusuku, kwakungu—ngumfowethu omdala oyiNdiya ayamngenise ngeplangwe, futhi sekuyela ngasesikhathini esithize ngasekuseni. Futhi a—ayemanzi, lapho ayehambe khona awela u—umfula. Awuwela ezansi lapho, ndawondawo, amngenisa.

<sup>7</sup> Ngabuza umfo osemncane. Ngathi, “Awesabi yini ukuthi uzongenwa yinyumoniya na?”

Wathi, “UJesu Kristu uyanginakekela. Ngiletha ubabayi wami.”

“Kuhle.” Ngathi, “Uyakholwa ukuthi uzophiliswa na?”

“Yebo.”

<sup>8</sup> Wayeqhaqhazaliswa yidumbe. Abafana ababili abasebancane babemthwele. Ngayikhulekela indoda endala.

<sup>9</sup> Emva kwesikhashana ngezwa into ethize idazuluka. Ngabuka phansi; indoda endala yayetshethe iplangwe emhlane wayo uqobo, ihambahamba, ivayizela kuwo wonke umuntu. Ukukholwa okulula nje ukuba ikholwe, kuthatha lokho kuphela.

<sup>10</sup> Ngiyakhumbula ngalobobusuku, umNdiya omdala wesifazane onomoya omnandi, wayenemeluko emide yezinwele ilengela phansi. Futhi wayehamba ngezinduku zokuqhugela, futhi zazakhiwe ngokwasekhaya impela, zona, njengezinduku zomshanelo nophisi weplangwe phezu kwechopho lazo, njengethu-bayi-fo, zase-ke zisongwa zizongolozelwa ngezindwangu. Futhi, ngempela, olandelayo ukuza kwaku...Wayesemgqeni, vela ngaphakathi endlini. Kodwa kwakunomncane, umfana weNdiya osemncane, umfo osemncane ebukeka eqinile impela. Wayebhlula bonke abanye babo phakathi, ukungena emgqeni. Nento endala bandla yayizama ukukhipha izinduku zayo. Futhi wayebone ukuphiliswa okubili noma okuthathu ngaphambi kokuba angene emgqeni.

<sup>11</sup> Ngase ngicabanga, ngenkathi engibuka, naleyo emikhulukazi, imibimbi ejulile, nezinyembezi zinqamula zehla ngalezozisele ezihlathini zakhe, ngacabanga, “Umama womuny’umuntu.” Angizange ngithi vu kuye, angizange

ngimkhulekele, noma yini. Wavele nje wangibuka phezulu. Futhi njengoba enza, wavele nje wanginikeza izinduku zokuqhugela wayesesuka eqhubeka ezihambela, kalula kanjalo nje.

<sup>12</sup> Indodana yami izama ukungifaka egiyeni phezulu lapha. Nikuzwa kangcono lokho na? Ngifunde indaba namhlanje ngengu—ngu—ngulube iyiswa endaweni engcwele, futhi ngiqagele niqaphelile. [Omunye ulungisa imayikrofoni kaMfowethu Branham—Umhl.] Manje, lokho kuzwakala kangcono, empeleni. Yileyondlela impilo ehamba ngayo. Inenqwaba yamafindo kuzo empeleni, ayinalo na?

<sup>13</sup> Manje abantu bamile, futhi—futhi asi—asifuni ukuba sibe sisathatha esinye isikhathi kunoma singasiza ngokunokwenzeka. Futhi ningabantu abakahle kakhulu, sengize ngi—ngingathanda nje ukuxoxa isikhathi eside kini.

<sup>14</sup> Futhi silapha manje ngokuvakasha neNhlanyelo yoSomaBhizinisi beFull Gospel. Nengqungquthela yasekuqaleni ibanjelwa ngale eRamada, iqala ingxenyela yokugcina ye...Ake sibone, zingaki osukwini na? [Omunye uthi, “Amashumi amabili-nane.”—Umhl.] Amashumi amabili-nane. Zingamashumi amabili-nane zize zibe ngamashumi amabilinesishiyagalombili, eRamada Inn. Futhi kuzoba nezinye izikhulumu ezimangalisayo laphaya, uMfowethu Oral Roberts nezinye eziningi. Futhi ngi...Njalo sinesikhathi esihle. Leso, uma abantu behlangana ndawonye kanjalo, sinesikhathi esikhulu kuleRamada Inn.

<sup>15</sup> Kungahle kube ngukuthi uMfowethu uOral nami singahle sibambe inkonzo yokuphilisa laphaya. Ungeke washo. Lokho bekungaba kuhle nje. Ya. Ngakho—ngakho si—asikaze sibe nayo eyodwa sindawonye. Angazi ukuthi ubengacabangani ngokuba neyodwa, yena nami ndawonye, kodwa ngiyavuma. Uma engangimela, ngani, sizozama, bese kuthi-ke sikhulekele abantu abagulayo.

<sup>16</sup> Futhi kade singazibambi izinkonzo zokuphilisa, uma niqaphelile. Kade singawakhiphi amakhadi omkhuleko noma lutho, ngenxa yokuminyana kwamabandla amancane, niyazi. Nabantu, kul’khuni ukuba ungenise abantu nokubakhipha. Futhi manje-ke uma wenza, kubangela isibumbatha sokuhamba kuxoveka, nabalawuli bomlilo bangekuthokozele lokho. Ngakho sithe nje ukuzeqa izinkonzo zokuphilisa kuze kube manje emihlanganweni, futhi nje kade ngizama ukuletha olula, uMlayezo omncane weVangeli. Uku...Nobukhona benu, nobambiswano nami, nomkhuleko wenu ngami, kuyangikhuthaza ukuba ngibe lapha. Futhi ngithemba ukuthi imilayezo emincane uyanikhuthaza ukuba niqhubekele phambili, ningabaphilela uKristu.

<sup>17</sup> Futhi ngiyaqaphela, izikhathi eziningi, abantu bavela ebandleni elilodwa baye kwelinye. Nalokho kusenza sazane

sonke, futhi—futhi nje sithola njenge...sibe ngoshomi bangempela nomunye nomunye. Ngiyakuthanda lokho. Singavele nje sihlale ndawonye lapha, ezindaweni zaseZulwini, ngoba siya kulolohlobo lwendawo lapho esiyoba ndawonye khona endaweni yaseZulwini, eZulwini.

<sup>18</sup> Kwakukhona umugqa omncane wokugxekwa engakuthola ngoluny'usuku eposini. Kungahle kukwedlulisele phambili sisathi ukuzejwayeza umuzwa wenu. Noma yimuphi umfundisi uyazi, uzofanele usho enye into ethize, ukuthi ukuzejwayeza ezithamelini, nezithameli kuwe. Kwakukhona i . . .

<sup>19</sup> Osomabhizinisi babequkethe udatshana kwelabo... iVoice yeloSomaBhizinisi, leli—lelincane. . . Ngicabanga ukuthi sizokubiza nje ngokuthi umbono. Futhi kwakuthe ukwehluka kancane, ngokuvamile, kusukela emibonweni enginayo. Ngangi . . .kwakukade kuthathwe lapho engangikhona, enhla. Bukani, akubukekanga kimi kuphambili kakhulu kunophahla lwaleyondlu. Futhi ngangilapho kwenye indawo lapho engibone khona bonke labo abase bashona. Abaningi benu balufunda udatshana, kusobala. Futhi phakathi lapho, emva kokuba Esengitshelile ukuthi bona waye . . .ukuthi babengobani, futhi bonke base bebasha futhi. Futhi babengempela . . .

<sup>20</sup> Ngangikwesaba njalo ukufa. Ngingesabi ukuthi ngiyolahlwa, kodwa ngangingafuni ukuba ngumoya. Kuphela ngi . . .Ngifuna ukuba ngubuntu, umuntu. Isizathu, ngangiqonda njalo njengomuntu, ngixhawulane nabantu. Ngangicabanga, “Uma-ke ngifika lapho bese ngihlangana noMfowethu Rose, futhi abe ngelincane, ifu elimhlophe noma okuthize na? Ngiyazi kwakunguMfowethu Rose, ngomunye umuzwa othize, kodwa ngingamxhawuli. Ngingakhulumi kuye. Noma . . .” Ngangi—ngangimangala, “Lokho ngeke kwesabeke na?” Kodwa, ngacabanga, “Manje-ke uma sengibuyile, kusobala, ngiyoba nokuvuka.”

<sup>21</sup> LowomBhalo wawungakaze wenzeke kimi ngaphambili, ukuthi, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindle.”

<sup>22</sup> Ngakho ngalokho kusa, ngase ngivukile. Ngangicabanga, “Mfana, usuneminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Uma kukhona ozokwenzela iNkosi, kungangcono usheshise. Uzoguga kakhulu, emva kwesikhashana.”

<sup>23</sup> Futhi khona manjalo, ngahlwithelwa kulendawo, futhi ngangikwazi ukubuka emuva futhi ngizibone mina uqobo phansi lapha. Ngingakaze ngibe nalesosehlakalo. Izikhathi eziningi ngibe nemibono yokuzibona mina uqobo ngimi ndawondawo, bese kuthi-ke . . .O, uma ungakuqondi, ubuyocabanga ukuthi ubulahlekelwe yingqondo yakho. Wena, *ulapha*, uzibhekisisa wena *lapho*. Bese kuthi-ke usuke *lapha*, futhi ukuwe uqobo *lapho*. Ehhe. Mhlawumbe kusemuva le, iminyaka ngaphambili,

nokunye nokunye. Kul’khuni ukuchaza. Awukwenzi. Ungeke wakuchaza.

<sup>24</sup> Ungeke wamchaza uNkulunkulu. Ufanele uMkholwe. Niyabo? Uma ungakuchaza, khona-ke akusesikho ukukholwa. Ufanele nje ukukholwe.

<sup>25</sup> Futhi emva kokuba Esengitshelile, ngibona bonke lababantu, futhi babe... Babenemizimba. Ba... Kwakungebekhona sono. Abesilisa nabesifazane... Labo besifazane babengigona, futhi babengabesifazane. Kodwa kwakungekho kuba nokwenzeka kokuba kuke kube yisono futhi, ngoba, niyabo, izindlala zemizimba yethu ziyoshintshwa lapho. Sine... Singubulili obehlukene manje, ngoba lokho ngokokuba siphinde sikhiqize izwe, nowethu—nomshado wethu ukuletha abantwana. Kodwa ngaleyonkathi asisayikubakhona isidingo salokho. Akusayikubabikho abantwana abazalwayo. Asisayikuba nezindlala zobulili ezweni elisha, niyabo, lutho nhlobo. Kodwa, nokho, owesifazane uyoba ngowesifazane, ngomumo. Nakanjalo abesilisa bayoba ngabesilisa. Kodwa asisayikubakhona isilisa nesifazane phakathi kwabo, ngaleyondlela. Nalezozindlala aziyikuba phakathi, ngakho ayikubakhona nhlobo indlela ukuba uSathane ake aze adlale elinye icebo lokuphamba kubo. Ngakho, kulokho, ngaqaphela.

<sup>26</sup> Laba besifazane bagijima benyuka basho bangigaxa ngezingalo zabo, futhi bathi, “Owethu umfowethu oligugu, ngijabula kakhulu ukuthi ulapha.” Manje, kwakumangalisa. Bonke, bebasha, bonke abesifazane abahle kakhulu ukwedlula bonke, izinwele ezinde, izingubo zizinde, niyazi, njengezingubo ezinde, izingubo ezinde ezisasilika omhlophe. Nokuthi babebukeka bebahle kanjani!

<sup>27</sup> Manje-ke nakhu kuza abazalwane, nje... Nabesilisa ababukeka kahle kunabo bonke engake ngababona, babebukeka sengathi bonke babethi ababe neminyaka engamashumi amabili ubudala. Namehlo abo, esazinhlansi. Bona, o, bona nje ngowesilisa ngakho konke. Futhi ngamangala. Futhi babengiqukula futhi bengigona futhi bethi, “Owethu umfowethu oligugu.”

<sup>28</sup> Ngamangala ukuthi kanjani. Ngabuka emuva phansi futhi ngangikwazi ukuzibona mina uqobo ngiphansi *lapha*, nokho, ngicambalele phansi. Awu, manje, ngacabanga, “Lokho kuyaxaka.” Ngase-ke ngibuza.

<sup>29</sup> Kunenenekazi elithandeka ngempela elenyukayo, lasho langigaxa ngezingalo zalo, lathi, “O, Mfowethu Branham, sijabula kakhulu ukuthi ulapha, owethu umfowethu oligugu.”

<sup>30</sup> Ngalibuka, lapho lisuka lihamba. NaleloPhimbo elalikhuluma kimi, lathi, “Awusalikhumbuli na?”

Ngathi, “A—angisalikhumbuli.”

Lathi, “Lase ledlule emashumini ayisishiyagalolunye ngenkathi uliholela kuKristu.”

<sup>31</sup> Futhi lalilapho, into enhle kunazo zonke engangiyibukile, ngendlela yowesifazane. Ngase ngithi, “Akumangalisi lithe ‘Mfowethu oligugu.’” Niyabo? Manje lingeke neze lisashintsha. Lingaleyondlela Phakade.

Ngathi, “Ngifuna ukubona uJesu.”

<sup>32</sup> Lathi, “Ungaphezudlwana kunalokhu. Ngoluny’usuku Uyofika, futhi wena uyohlelwa ngeVangeli owalishumayelayo, ngoba wawungumholi.”

Ngathi, “Awu, ngabe uPawulu uyodingeka ahlulelwe yisixuku sakhe na?”

Lathi, “Yebo.”

Ngathi, “Ngashumayela iVangeli elifanayo nalishumayelayo. Ngayo impela nje indlela aLisho ngayo, yileyondlela engaLisho ngayo.”

<sup>33</sup> Kwase kuthi lezozigidi zamaphimbo zampompoloza, “Siphumule kuLokho.”

<sup>34</sup> Kwase kwenzeka into exakile. Ngangivame ukuba nelincane, ihashi eligitshelwayo, futhi nga—ngangilibiza ngoPrince. Futhi ngangilithanda kanjani lelohashi elidadlana. Ngangivame ukuligibela njalo ekuseni, ngaphambi kwesikole, ngigijimise izimvunulo zami. Futhi ngalibona lelohashi elidadlana lenyukela kimi, lase licamelisa ikhanda lalo livundla ehlonbe lami, lase liyiyiza. Ngase ngilimbambatha. Ngathi, “Prince, bengazi ukuthi uyoba lapha.” Ngase ngizwa into ethize ikhatha isandla sami. Kwakuyinja yami endala eyigqalashu. Yangifaka esikoleni, yangipha izingubo zami zokugqoka, izingela. Ngathi, “Prince, noma Fritz, bengazi ukuthi uyoba lapha nawe.”

Ngase-ke ngizwa into ethize yenzeka. Ngangibuyela emuva.

<sup>35</sup> Lokho kwakubhalwe kwi*Voice* yoSomaBhizinisi abangamaKristu. Nomfundisi wangibhalela ngoluny’suku. Wathi, “Ngawuthokozela lowombono, Mfowethu Branham. Wawuzwakala wonke umuhle kakhulu waze waphatha amahashi. IZulu lenzelwe izidalwa ezingabantu. Ayikho into enjengamahashi eZulwini.”

<sup>36</sup> Awu, ngathi, ngamphendula. Ngathi, “Mfowethu, angizange ngithi ngangiseZulwini. Ngangibuza lapho uJesu ayekhona, futhi Wayesalokhu engaphambili le.” Ngathi, “Kodwa uma bekungahle kukusize kancane, incwadi yeSambulo, ithi, ‘Lapho uJesu esuka emaZulwini amazulu, Wayegibele ihashi elimhlophe.’ Nalo lonke ibandla laseZulwini laliMlandela, ligibele amahashi amhlophe. Niyabo? Ngakho lelo lalivela eZulwini lamazulu.”

37 Futhi okwangenza ngazizwa ngikahle kakhulu, ngenkathi ngiqala ukubuyela emuva, Wathi, “Konke lokho owawulokhu ukuthanda, nakho konke lokho okwakulokhu kukuthanda, uNkulunkulu ukuphe khona.”

38 Ngoluny’usuku olubalele, ngaphesheya, kuyokwehluka. Ngingeke nje...Ngingeke nje nakwazi, bantu, ukuba nigeje leyondawo. Ningakwenzi. Noma ngabe nenzani, yenzani... Ningesabi. Asikho isidingo sokwesatshiswa. Ayikho into yokwesatshwa.

39 O, ngenkathi ngicabanga ngokubuya, kwangidabukisa. “Ngabe ngizodingeka ngibuyele emuva futhi na? Ngabe ngizodingeka ngibuyele emuva, kulokho engangesaba ukuba yikho na?” Niyabo? Futhi manje-ke uma sifika emzimbeni ovukileyo, khona-ke siyodla futhi siphuze. Babengadli baphuze. Babengasidingo sokudla nokuphuza. Babengayi-ndawo, futhi babengakhathali. Nje kwaku... Akukho-gama ebengingalisebenzisa. Kwakuphelele; lokho bekungeke kwakwenza. Kungaphambili le kwalokho engikubiza ngokuphelela. Ba—babesanda kufika nje, kwakuyilokho-ke, ku—kuleyondawo, futhi kwakumangalisa.

40 Ngakho, o, lalalani, bangani. Ngi—ngicabanga ukuthi ngise kahle emqondweni wami, futhi ngi—ngi—ngiyazi kuzwakala kuxakile. Kodwa angikaze ngikwazi, futhi angizange ngizame, ukuchaza kubantu lezizinto. Izinto eziningi e...Kungaphambili le kokuchaza. Futhi kuphela ungadida umqondo wabantu. Kodwa uma bengingakwenza, futhi ngazizwela ukwenzenjalo, bekungethusa.

41 Kodwa qaphelani lokhu. Ngisho lokhu. Ningesabi. Ukufa kuyisichuse nje, kuzama ukukuvimbela entweni ethize. He, kuhle kakhulu kakhulu! Kungaphambili le kwanoma yini obungacabanga ngayo. Akumangalisi iBhayibheli lathi, “Iso alikubonanga, indlebe ayikuzwanga, kanjalo akungenanga ezinhliziyweni zabantu lokho uNkulunkulu akubekele abamthandayo.” O, ukubuka nje wedlule ikhethini lesikhathi! Manje-ke, ngizame kal’khunyana kunanininini ngaphambili empilweni, ukuzama ukuzuza abantu baye kuKristu, kusukela ngaleyonkathi. Ngingeke nakwazi ukukugeja. Ningakwenzi. Qinisekani ukuthi nilungisene noNkulunkulu, nezinye izinto zizoba kahle.

42 Manje, nginamanothi ambalwa nje abhalwe phansi lapha, engicabange ukuthi ngizokhuluma ngawo kancanyanyana kulobubusuku. Futhi ngicabanga ukuthi kusasa ebusuku siphezulu le phakathi, cishe amamayela angamashumi amabili ukusukela lapha, noma ngaphezulu. EMesa, ngikholwa ukuthi yiyo. EMesa. Ngabe yiMesa leyo na? EMesa. Bese kuthi-ke ubusuku obulandelayo eTempe, Tempe. Futhi nginohlelo ephaketheni lami lapha, ephapheni uMfowethu Williams

anginike lona. Kodwa, kade ngithe ukuba matasatasa, angikalibukisisi nje okwamanje. UBilly uyafika nje angilande, wayesethi, “Siya endaweni *ethize-thize nethize-thize*, futhi nakhu sesihamba.” Manje-ke ngiza ngapha, futhi uzama ukungiklinya. [Ibandla liyahleka—Umhl.]

<sup>43</sup> Manje, ngabe wonk’umuntu uzizwa enenkolo ngempela na? Thanini, “Amen,” uma ninjalo. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuhle ngempela. Lokho kuhle. Manje, asikhothamise amakhanda ethu nje manje.

<sup>44</sup> Njengoba, sisanda nje, ukuba namancoko ethu amancane nokokuzwakalisa. Singabantwana, futhi siyabuthana futhi sikhulume njengabantwana. Futhi si. . . Ngisho noNkulunkulu unamancoko, niyazi.

<sup>45</sup> Ngakho asikhothamise amakhanda ethu manje futhi sikhulume kuYe ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe. Sisakhothamise amakhanda ethu, ngabe bakhona labo phakathi lapha onesicelo somkhuleko na? Masaziswe ngesandla sakho esiphakeme. UNkulunkulu akubusise. Asikhothamise amakhanda ethu manje.

<sup>46</sup> Baba wethu waseZulwini, siza eBukhoneni baKho manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo zethu ngokuzithoba. Sisondele ngokukholwa, ngaphambili le kwenyanga nezinkanyezi, siya esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, ngoba siqinisekile ukuthi uma siza eGameni laKhe ukuthi Uzozizwa. Sizokwemukelwa eBukhoneni baKho ngeGama laKhe. Inhlanhla enje okuyiyo, ukwazi ukuthi semukelwa eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngeGama likaJesu Kristu.

<sup>47</sup> Futhi Wasitshela, Baba, ukuthi noma ngabe yini esiyicele eGameni laKhe, ukuthi Wena, esihawini saKho esininginingi nomusa, uzoxolela izono zethu futhi usiphe isifiso sethu. Baba, sijabula kakhulu ngalokho. Ayikho enye into ebesingacabanga ngayo, ebingaba yinhlanhla ephakeme kakhulu, kunokuba nalenhlanhla.

<sup>48</sup> Kungaba yinhlanhla ukuba thina zakhamizi zaseMelika ukuba sisondele kumongameli wethu. Futhi esizofanele sikwenze kuphela, ukuba sedlule, ukuba sithole ukusondela kumongameli okomzuzwana nje wesikhathi, ukuthatha umzuzwana wohlu lwakhe olumatasatasa. Besingadingeka sedlule ema ofisi, na—nandlela zonke, ukuba sithole ukufika, futhi sifanele sizisho izizathu zethu, futhi—futhi zizofanele zihlolwe ngaphambi kokuba sibe naleyonhlanhla.

<sup>49</sup> Kodwa, ukucabanga ngakho: uNkulunkulu, uMdali wamazulu nomhlaba, ulindele thina ukuba sisondele. Thina, izoni ezingafanele, Ulindele thina ukuba sisondele eGameni leNkosi uJesu, nesiqiniseko ukuthi sizokuphiwa esikucelayo, uma kuphela singakholwa ukuthi sizophiwa. Manje-ke,



besingabhekisisa izicelo zethu ngokusondele impela futhi sazi ukuthi besingezukukhuluma ngobuwula noma sicele ngobuwula. Futhi uma besingakwenza, sikhulekela ukuba Usixolele, Nkosi.

<sup>50</sup> Futhi siyacela kulobubusuku isihawu phezu kwaleso naleso salezizandla ebephakeme. Kwangathi izicelo zabo bangaphiwa zona, Nkosi. Kwangathi bangezwa isiqiniseko enhliziyweni yabo khona manje, ukuthi ngenkathi siseseBukhloneni baKho. Ukuthi, uma sivula amehlo ethu futhi siphakamise amakhanda ethu othulini, Owasibumba kulo, kwangathi singasizwa lesosiqiniseko esigxilise okwehange ukuthi siphawe lokho esikucelile.

<sup>51</sup> Besingacela labo, Nkosi, mhlampe endlini kulobubusuku, ongakaze eze eBukhloneni baKho, ngendlela yomkhuleko, ukucela ukuxolelwa kwesono. Kwangathi lobu kungaba ngubusuku okuzoshiwo ngabo into ethize, noma kwenziwe into ethize, noma okunye ukwenza kukaMoya oNgcwele okuzobangela izinhliziyzo zabo zivezelele futhi sicele lowomusa wokuxolelwa.

<sup>52</sup> Philisa abagulayo. Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzobapha, kulobubusuku, isiqiniseko ukuthi umkhuleko wokukholwa manje uyakhulekwa. “Futhi uzosindisa abagulayo.” Ngokuba besingathi, futhi senezele lokhu, ukuthi lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, ngokuba kulotshiwe eZwini leNkosi.

<sup>53</sup> Manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzobusisa leziziphawulo ezincane esihlinzekwe lapha namuhla zeZwi laKho. Donsa kulokhu ukufunda ingqikithi iye kuyo yonke inhliziyzo. Futhi uma bengingehluleka noma ngayiphi indlela, Nkosi, futhi ngigeje ukugcoba kukaMoya oNgcwele, kwangathi Yena emseni wobuNkulunkulu angahamba neZwi futhi alibeke enhliziyweni lapho elalifanele ukuba khona. Futhi kwangathi thina kulobubusuku singabona isandla sikaSomandla selulekela kuyo yonke lendlu, futhi senze izinto ezingaba ngokuninginingi okwedulele phezu kwakho konke lokho ebasingakwenza noma sikucabange. Uma sesisuka kulobubusuku futhi siye emakhaya ethu ehlukeni, kwangathi singakwazi ukuba sisho njengalabo ababevela eEmawuse, “Izinhliziyzo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?” Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

<sup>54</sup> Manje, abantu abanengi bathi ukubhala phansi, nendikimba umfundisi ayisebenzisayo. Futhi mina, uma nikufisa manje, ngithanda ukufunda izindawo ezimbili emBhalweni oNgcwele. Lowo ngokuthi, kuGenesisi isahluko 22, sizohamba kuqala futhi sifunde. Bese-ke kuba kuJohane oNgcwele 12:32, sizofundela ingxenye yesibili yomBhalo. Manje, kuJohane . . . KuGenesisi 22, siqala ngevesi 7 lesahluko 22.

*Futhi uIsaka wakhuluma kuAbrahama uyise, wayesethi, Baba wami: wayesethi yena, Ngilapha, ndodana yami. Wayesethi, Bheka nanku umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?*

*Futhi uAbrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uzakuzibonela iwundlu lomnikelo wokushiswa: ngakho bahamba bobabili kanyekanye.*

<sup>55</sup> Futhi manje kuJohane oNgcwele 12:32, sifunda lamaZwi aphuma ezindebeni zeNkosi yethu.

*Futhi mina, uma ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.*

<sup>56</sup> Futhi manje okwendikimba engithanda ukukhulumela kuyo, kulokhu, ngukuthi, “Ukwemukela indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yesikhathi sokuphela.” Ake ngikucaphune lokho futhi, ngoba, emateyipini. Ngikholwa ukuthi bayayiteyipa lemiLayezo. Nasemateyipini esinawo, ezinye izindikimba ezingamakhulu amahlanu engiqagela ukuthi ngishumayeke kuzo, zinento ethize efanayo kulokho, kodwa hhayi ngempela lena. *Ukwemukela INdlela Ehlinzekwe NguNkulunkulu NgesiKhathi SokuPhela.*

<sup>57</sup> Niyazi, kunezindlela eziningi a—abantu abazithathayo, kodwa ngempela zimbili kuphela izindlela umuntu angazihamba, lokho ngukuthi, indlela elungileyo nendlela engalungile. Futhi sonke lapha, kulobubusuku, sikomunye waleyomigwaqo, olungile noma ongalungile. Akukho-nkundla ephakathi nendawo. UJesu wathi, “Ningekhonze uNkulunkulu nomamona,” okuchaza ukuthi, “izwe.” Kuphakathi kokuthi silungile noma asilungile.

<sup>58</sup> Futhi manje uma nje sizosuka endleleni engeyethu, iyona ndlela kuphela esingangena ngayo endleleni kaNkulunkulu. NoNkulunkulu wenze indlela ehlinzekelwe yonke into. Uhlinzeke indlela. Nalapho esingena khona enkathazweni, ngukungalandeli leyondlela, futhi—futhi sijovela kuYo izindlela ezingezethu uqobo. Nalokho kwenza ukuphendukezela. Futhi noma yini ephendukezelwe a—akwencikeki kuyo. Ngakho, uNkulunkulu unendlela. Futhi ake sibuke nje ezinye zezindlela zaKhe.

<sup>59</sup> Asithathe into ethize emvelweni. Ngoba, imvelo yayiyiBhayibheli lami lokuqala. Ngiyazi uNkulunkulu unguMdali, futhi Wadala imvelo. Futhi Uphila kokudaliweyo kwaKhe, emvelweni.

<sup>60</sup> Asithathe, isibonelo nje, isihlahla. Ngivele nje ngadonsa phansi kwesinye, emizuzwaneni edlule phandle lapho, noma uBilly ukwenzile, nezingatsha kuso. Futhi ngaqaphela amaqabunga ewa. Manje, asikaze sikwazi, futhi asisoze sakwazi, ukuthola indlela engcono ukuba isihlahla sifihle ukuphila kwaso

ubusika bonke, kunanendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yaso ukuba sifihle ukuphila kwaso.

<sup>61</sup> Manje, ukuba-ke besizame ukuqamba enye indlela ethize kunendlela yanjalonjalo ehlinzekiwe yesihlahla na? Ukuba-ke njalo ngoAgasti noma ngoSeptemba, ezweni ikakhulukazi lapho engivela khona, iNyakatho, ukuba besizodingeka siphumele esivandeni sama apula futhi sithathe olunye uhlobo lwe—lwethuluzi futhi silibeke esihlahleni, lapha cishe kuAgasti emva kokuba ama apula esevuthiwe, bese sidonsa ukuphila sikukhipha esihlahleni bese sikuthatha sikufake endaweni enhle efudumele, bese sikugcina ubusika bonke, ukuphila, ukuphila kwamanzi esihlahla okuphuma esihlahleni, bese sikufaka esiqukathini esihle esifudumele futhi sikugcine kuze kube seNtwasahlobo, bese-ke sibuye sikujoyele esihlahleni na? Niyazi, lokho bekungasoze kwasebenza. Bekungeke neze kwaba njalo. Nokuzama ukukwenza kuphela bekyosibulala isihlahla.

<sup>62</sup> Kodwa uNkulunkulu unendlela ukunakekela lokho kuphila ubusika bonke. UNkulunkulu wenza indlela. Azi ukuthi ubusika buyofika esihlahleni, Wasenzela indlela. Ngake ngaba nenhlanhla yokuholela umphikinkolo oneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nahlanu ubudala kuKristu, ngalokho, kungekudala.

<sup>63</sup> UMnu. Wood, umakhelwane wami, futhi wayenguFakazi kaJehova ngenkolo. Futhi wayenomfana owayekhuzekile, wayenomlenze ofinyele phansi kwakhe. Nomkakhe, ngiyakholwa, engowe—wenhlangano ka Anderson yeChurch of God. Futhi bafika eLouisville, eKentucky, lapho ababakhe khona phandle endaweni encane ethiwa yiCrestwood, cishe amamayela angamashumi amathathu ukusuka eLouisville.

<sup>64</sup> Futhi emhlanganweni lapho ehholo, babone intombazane eyayinalesi lapha isifo, leso, iphenduka ushoki noma itshe. Futhi yayine, sesivele siyikhubazile, le ngenhla kwezinqulu zayo, ukuthi yayingasanyakazi i, o, izinyanga eziningana. Futhi kuvela ezinyaweni zayo. Yakhulekelwa, ngobuny'ubusuku, futhi ngosuku olulandelayo yayigijima yehla-yenyuka ezitebhisini, ihamba ngelikhulu ijubane.

<sup>65</sup> NoMnu. Wood waletha indodana yakhe. Kusobala, akazange angene emhlanganweni. Futhi masinya emva kwalokho, ngayiswa phesheya kwezilwandle, ngawelela iNkosi yethu. Futhi ekubuyeni nganginomhlangano ehla e...eOhio, futhi waletha umfana, ogama linguDavid. Futhi wayehlezi le emuva, o, cishe impela ibanga elinguhhafu wendlu yasedolobheni.

<sup>66</sup> NoMoya oNgcwele wangena wawusuthi, “Kunendoda lapha kulobubusuku. Futhi yona nomkayo uhlezi emuva le ngemuva.” Angikaze ngiyibone empilweni. Futhi wathi, “Indoda, egama linguWood. Ingusonkontileka. Inomfana okhubazekile owayenovendle, olwashwabanisa isitho sakhe

ngenhla esisodwa saba phansi kwakhe. Kodwa, ISHO KANJE INKOSI, umfana uyaphiliswa.”

<sup>67</sup> Yena engakwejwayele okunjalo, umfana wahlala lapho isikhashana. Futhi emva kwesikhashana, unina wathi, “David, awuzami ngani ukusukuma na?” Futhi ngenkathi esukuma, umlenze wawusuphila nje njengomunye.

<sup>68</sup> Indoda yathengisa ibhizinisi layo yase ithutha iza neno, yaba ngumakhelwane esakhelene naye. O, ingumfo othandeka kakhulu! Ngokunye ukusa ngenkathi azi ukuthi ngangiphumela lapha ngesikhathi eseluliwe, uyi... Cishe emini, ngenkathi ngisuka ekhaya, nango wayelapho, emi phandle estradini, ekhala *kanjalo*; ecela ulifti, sengathi wayezohamba nami. Futhi wangigona wayeseqhubeka ehla ngomgwaqo ongumhubhe. Umfowethu oyisimangaliso kanje pho! Ubengushomi ngempela kimi.

<sup>69</sup> Sasizezansi esifundazweni saseKentucky, sizingela izingwejeje, cishe iminyaka emithathu eyedlule. Futhi komisa ngempela. Futhi manje, uma noma yimuphi wenu bantu basempumalanga niyazi ukuthi yini ingwejeje empunga, u... UHoudini ingeweti ephunyukayo iyimfundamakhwela, kuyo, uma yethuswa. Ngakho, ngiyathanda ukuzizingela, ngakho sizingela ngesibhamu esikhulu i.22. Futhi sasesizingelile. Ngangiseholidini lami cishe amaviki amabili, futhi sasikade sikhempa ngaphandle. Futhi kwakomisile ngempela. Futhi wawungahamba nje udabule emahlathini futhi wephule i—iqabunga, nalowomfo omncane, o, he, wewu, ungeke nje wayibona. Ayisekho.

<sup>70</sup> Ngakho uMfowethu Wood wathi, “Mfowethu Branham, ngiyayazi i—indawo ezansi lapha enezingoxe ezijulile.”

<sup>71</sup> Bangaki owaziyo ukuthi yini ingoxe na? Awu, ningaba ngakuyiphi ingxenye yeKentucky na? Futhi bakubiza kanjalo-ke ezansi eKentucky. Ezansi lapha, ngikholwa ukuthi nikubiza ngomgede noma okuthize, lapho amanzi ehla khona ngegatsha. Futhi ungena kulezozindawo ezijulile, futhi kusalokhu kungumswakamo, futhi ungangahamba futhi ungangabangi-msindo.

<sup>72</sup> Wathi, “Kodwa umfo omdala ungumphikinkolo, futhi, o, uyabazonda abashumayeli.” Futhi ngangikade ngisezweni kanye kuphela ngaphambilini, nalokho kwakusemhlanguweni.

Ngase ngithi, “Kulungile. Wena, uyamazi na?”

Wathi, “Uyamazi ubabayi wami kahle kakhulu.”

<sup>73</sup> Ngathi, “Asihambe simcele, ngoba asenzi noma yini okuhle lapha.”

<sup>74</sup> Futhi sawela ngetraki yakhe encane, futhi senyuka ngamahlathi, sase sehla phezu kwamagquma. O, he! Ekugcineni safika endaweni encane. Futhi kwakunamadoda amabili

amadala ehlezi phansi kwesihlahla sama apula. Kwakulapha kuAgasti 20.

<sup>75</sup> Futhi ngakho waphuma etrakhini, wawela, wayesethi, “Igama lami nginguWood.” Wathi, “NginguBanks Wood.” Wathi, “Angazi noma bekungalunga yini uma sizingele endaweni yakho.”

Yathi, “Ungumfana kaJim Wood na?”

<sup>76</sup> Manje, uyise ungfundisayo ophakeme kuFakazi kaJehova, noma wayenguye. Nomndeni wonke uza kuKristu, wonke, ngemibono. Wonke, ubatshela nje ukuthi kwakuzokwenzekani, futhi kwenza nje ngaleyondlela. O, ngifisa kanjani ukuthi sengathi bengingama futhi nginixoxele nje leyondaba yomndeni, ukuthi bangena kanjani. Bonke abantwana eMbusweni kaNkulunkulu manje, babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele.

<sup>77</sup> Futhi ngakho ngenkathi uBanks ewemukela, okwakhe . . . bonke abantu bakubo bamxosha esontweni. Kwakuyilokho kuphela. Wayesengaphandle.

<sup>78</sup> Kodwa, ngamunye ngamunye, ngamunye wabo edlula, ukuba athi “halo” kuye, uMoya oNgcwele wawubabamba futhi ubatshele izinto, bese bengena-ke. Bese-ke behamba batshele omunye othize. Bese-ke eza, Wawumtshela into ethize, bese-ke eza. Futhi yingaleyondlela wonke umndeni ongena ngayo kuKristu. Futhi ngakho ngenkathi sithola i . . . e . . .

<sup>79</sup> Waphuma etrakhini, wayesesho endodeni. Yathi, “Uyindodana kaJim Wood na?”

Wathi, “Yebo.”

<sup>80</sup> Yathi, “UJim Wood uyindoda eqotho. Yebo, mnumzane. Zisize. Zingela lapho ofuna khona.”

<sup>81</sup> Wathi, “Ngiyabonga.” Wathi, “Ngize nomelusi wami.”

<sup>82</sup> Yathi, “Wood, awuqondile ukuthi usuwehle ngokwenele ukuba uze uthwale umshumayeli noma uyaphi na?”

<sup>83</sup> Ngacabanga ukuthi kwase kuthi akube yisikhathi sokuba ngiphume. Ngakho ngaphuma etrakhini, ngase ngihambahamba. O, he! (Nina bazalwane niyazingela. Ophathini bami abazingelayo, ngiyazi niphakathi lapha.) Nokuthi kuba negazi nokungcola kanjani, nobuhwanqa obuthi abube bude *kangako*, niyazi; kwase kube ngamaviki amabili ngagcina ukugeza umzimba, futhi, o! Ngakho ngaphuma etrakhini ngase ngizisondeza ngale. Yase ingibuka phansi-na-phezulu, kabili noma kathathu. Ngiqagele yacabanga, “Umshumayeli othize!”

Ngathi, “Sawubona?”

Yase ithi, “Sawubona?”

<sup>84</sup> Futhi ngakho uMnu. Wood waqala ukungethula njengokuthi ngingubani, okwami . . . umelusi wakhe. Futhi wathi . . .

<sup>85</sup> Ngaphambi kokuba athole ithuba lokukwenza, indoda endala yathi, “Awu,” yathi, “Ngiyakutshela khona manje.” Yathi, “Ngi—ngifanele ukuba ngumphikinkolo. Anginamsebenzi ngani ngalokho bafo, uzibiza ngabashumayeli.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane. Kulungile.” Ngathi, “Lokho kungumbono.”

Yayisithi, “Awu, uyazi, ngingumphikinkolo.”

<sup>86</sup> Ngathi, “Angikholwa ukuthi lokho bekungafanela ukuqhosha ngakho. Ucabanga kanjalo na?”

Yathi, “Awu, angicabangi kanjalo.”

<sup>87</sup> Ngakho ngathi, ngacabanga enhliziyweni yami, “Nkosi, uma Uke ungisize, Yenza manje.”

<sup>88</sup> Ngakho enye indoda endala ihlezi lapho, ayizange isho lutho. Izigqoko ezindala eziyabuzelayo, angazi ukuthi yini. . . Niyazi ukuthi kuyini, sithungwa ngezintambo ezimbili, niyazi. Futhi ngakho ahlala lapho kancanyanyana.

<sup>89</sup> Futhi ngakho yathi, “Uyazi ukuthi ngiphambene ngani nani bafo na? Nikhonkotha phezulu esihlahleni esingafanele.”

<sup>90</sup> Bangaki owaziyo ukuthi kusho ukuthini lokho, “ukukhonkotha phezulu esihlahleni esingafanele”? Leyo yinja enamanga, niyazi, ekhonkotha phezulu esihlahleni esingafanele. Inyamazane isivele ihambile lapho. Akukho lutho phezulu lapho. Niyabo?

<sup>91</sup> Ngakho yathi, “Nina bafo nikhonkotha phezulu esihlahleni. Akukho lutho phezulu lapho,” ngamany’amazwi. “Nikhuluma ngoNkulunkulu, futhi ayikho into ethiwa nguNkulunkulu.”

“Awu,” ngathi, “kusobala, siyakukholwa lokho.”

Yathi, “Awu, ningahle, kodwa angikholelwa.”

Ngathi, “Awu, lokho kulungile.”

<sup>92</sup> Yayisithi, “Uyawubona lowoshimula omdala phezulu lapho egqumeni na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

<sup>93</sup> Yathi, “Ngazalelwa ehla lapho.” Yayisithi, “Ubabayi wami wakha lendawo ezansi lapha. Sathuthela ezansi ngenkathi ngiseneminyaka cishe eyishumi nesithupha ubudala. Emva kokufa kukababa wami, ngayithatha indawo. Ngikhulise umndeneni wami. Sengibe lapha amashumi ayisikhombisa-nesithupha noma amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, noma into efana naleyo, iminyaka.” Yathi, “Ngibuke njalonjalo, nsuku zonke, ezibhakabhakeni. Ngibuke yonke indawo emahlathini. Ngibuke yonke indawo phansi. Futhi angikaze ngibone noma yini ebukeya ifana noNkulunkulu.”

Ngathi, “Awu, lokho kubi kakhulu.”

94 Yayisithi, “Yingalesosizathu ngicabanga ukuthi nina bafonikhonkotha phezulu esihlahleni esingafanele.”

95 Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Kwase kwenzeka into ethizeke. Ngabuka phezulu esihlahleni. Ngabuka phansi, futhi kwakunama apula elele esihlahleni. Ngathi, “Ungaphatheka kabi uma ngingaba nelilodwa lalawoma apula na?”

96 Yathi, “Zisize. Amayelo jakethe ayawadla ayawaqeda.” Niyazi ukuthi yini amayelo jakethe, ngiqinisekile.

97 Ngakho nga—ngakhothama, ngase ngithatha elilodwa lama apula, ngase ngilesulela emlenzeni webhulukwe lami, niyazi. Ngase ngililuma. Ngathi, “Lelo yi apula elihle kakhulu.”

Yathi, “Yebo, lelo ngelihle.”

Ngathi, “Sidala kangakanani lesosihlahla?”

98 Yathi, “Ngasitshala lapho. Ake sibone, singamashumi amane-nesikhombisa, iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili ubudala, into efana naleyo.” Yathi, “Ngatshala ihlumela elincanyanya.” Yathi, “Ngasicosha ndawondawo, kude kwenye indawo, ngase ngisiletha ngapha.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngase ngithi, “Ngabe siyathela njalo ngonyaka na?”

99 “Njalo ngonyaka sithela ama apula amahle.” Yathi, “Sifaka emathinini inqwaba yama apula asuka lapho.”

100 Ngase ngithi, “Awu, lokho kuhle kakhulu. Ngiyajabula ukuzwa lokho.” Ngase ngithi, “Uyazi, lapha ziyishumi nanhlanu kuphela kuAgasti.” Ngathi, “Kungamashumi ayisishiyagalolunye ethunzini cishe ngaso sonke isikhathi.” Ngathi, “Kuyaxaka ukuthi onke lawomaqabunga ayawohloka kulesosihlahla, futhi besingakabi nesithwathwa.”

101 Yayisithi, “O, lokho ngukuthi—lokho ngukuthi, amanzi esihlahla asebuyele empandeni.”

“O,” ngathi, “kuyilokho na?”

Yathi, “Yebo.”

Ngathi, “Manje-ke abuyela empandeni, ngani na?”

102 Yathi, “Awu, uma ehlale phezulu lapho, ubusika bungasibulala.”

Ngathi, “Bubulale ini?”

103 Yathi, “Isihlahla. Imbewana yokuphila ikulawomanzi esihlahla, iya phansi bese icasha phansi ezimpandeni.”

Ngathi, “O.” Ngathi, “Manje, ngabe lokho kuzo... Kuthiwani nge...”

Yathi, “Awu,” yathi, “lokho akusikho okungejwayelekile.”

Ngase ngithi, “Qhabo, qhabo. Leso nje yisenzo semvelo.”

104 Yathi, “Uyazi, kukhona engifuna ukukutshela khona.” Yathi, “Ungakaqhubekeli phambili, ngifuna ukusho lokhu. Ukuthi ngake ngezwa ngomshumayeli ngesinye isikhathi, engingathanda ukuzwa kanye. Uma eke wafika kulelizwe futhi, ngifuna ukumuzwa.”

Ngathi, “O? Lokho kuhle,” Ngasho.

105 Yathi, “Wayengapha eActon cishe eminyakeni emibili edule emkhankasweni phandle e—ezinkundleni zendali phandle lapho zeMethodisti, izinkundla zokukhempa zeMethodisti.”

106 NoBanks wabuka. Ngaphendukela kuBanks, nga... Kuyilokho, Mfowethu Wood. Ngathi...

107 Yayisithi, “Ngiyalikhohlwa igama lendoda ukuthi yayingubani manje.” Yathi, “Uyazi, yayingakaze ibe kulelizwe ngaphambili.” Yayisithi, “Inenekazi elidala,” omunye umuntu, “wakhe enhla lapha cishe imayela, phezulu egqumeni.” Yathi, “Lalibulawa ngumdlavuza. Futhi baliyisa eLouisville, amamayela ayikhulu namashumi amabili, nodokotela baliqhaqha. Futhi sonke isisu salo sasisongelwe, amathumbu nakho konke, enomdlavuza. Futhi akukho ababengalenzela khona.” Yayisithi, “Base-ke beletha... balithunga base belibuyisa. Futhi umkami nami sasikade senyuka nsuku zonke. Futhi ababange besakwazi ukulivusa; sasidingeka nje sidonse ishidi elimuncayo bese sishintsha umbhede walo.” Yayisithi, “Kade senyukela lapho amavikini amaningana.” Yayikade nje ibheke noma yibuphi ubusuku ukuba life, kumbe noma ngasiphi isikhathi. Yase ithi, “Udadewabo wakhe emuva ngale komunye umfudlana.” Niyazi, yileyondlela oqamba ngayo igama, ezansi lapho. Akusiwo umgwaqo; ngumfudlana. “Ngale komunye umfudlana.”

108 Ngizwe omuny’umuntu ehleka. Kugwele abaseKentucky nje phakathi lapha. Ngale... Awu, ngazalelwa kulokho abakubiza ngokuthi yiLittle Rennix ezansi lapho. Umkhulu wami wayakhe eBig Rennix, ethululela eBumshell. IBumshell Creek iza yehlele ngqo eLittle Rennix, bese iphuma yehle ngeCasey’s Fork, bese yehlela ngqo eMfuleni iCumberland. Manje, lokho nje kungaphesheya kweGreen Briar Ridge. Yilapho umama wami azalelwa khona, enhla eGreen Briar Ridge.

109 Yayisithi, “Lona wesifazane wayakhe ngale kwenye indawo.” Yayisithi, “Lokho kuthi akube ngamayela angamashumi amabili ukusuka lapha. Futhi ufika ngalobo busuku, futhi wayehlezi emuva le ngemuva kwaleyonkundla yokukhempa.” Yayisithi, “Lomshumayeli, ngenkathi esenhla phezu kwalapho, ukhulekela abagulayo.” Yayisithi, “Wayetshela abantu ngokuthi babengobani, nakho konke ngakho.”

110 Yathi, “Lona wesifazane wangena leyithi, futhi akalitholanga elinye lalawomakhadi ababewanikezela.”



111 Yayisithi, “Lomshumayeli waphendukela kuye, wayesemtshela, wathi, ‘Uyazi, wena, nenekazi elihlezi emuva lapho, ungu *S’bani-bani*. Futhi kulobubusuku ngenkathi usuka ekhaya, ufake iduku elincane esikhwameni sakho semali, linomdwebo ol’hlaza sibhakabhaka ekhoneni lalo.’ Yathi, ‘Futhi unodade ogama lingu*S’bani-bani*.’ Yayisithi, ‘Libulawa ngumdlavuza wesisu.’ Ngikubone embonweni nje. Manje, thatha leloduku, bese uhamba ulibeke kuye. Futhi, ‘ISHO KANJE INKOSI, lizosinda.’”

112 Yathi, “Nenenekazi . . . Lobobusuku, sezwa umsindo osabeka kakhulu, phezulu egqumeni. Ngangicabanga ukuthi babeneSalvation Army enhla lapho,” yathi, “cishe phakathi nobusuku. Futhi sasicabanga ukuthi inenekazi elidala lifile.”

113 Yayisithi, “Uyazi uk’thini? Mina nomkami senyuka ngosuku olulandelayo, ukubona ukuthi sasingayinikeza yini induduzo, kusesekuseni ekuseni. Futhi lapho lalihlezi etafuleni, nebhodwe lekhofi, lithela ikhofi nje, futhi lona nomyeni walo lalidla ophaya bama apula abathosiwe abamise okwenyanga enguhhafu okungukudla kwasekuseni.” Ngathi . . .

114 Bangaki owaziyo ukuthi yini ophaya bama apula abamise okwenyanga enguhhafu na? Niyazi, ngisekhaya manje. Lokho nje kwakuyi . . . Ngiyabathanda, futhi ngithanda utiligi wamabele kubo. Futhi ngicinge yonke lendawo ukuba ngithole utiligi wamabele. Futhi uma ngibuyela lapha futhi, ngizoziphathela ibhakede nje, ngoba nje ngeke ngaqhubeka ngaphandle kwawo. Futhi niyazi, ngi—ngisebenzisa inqwaba yawo, ngoba ngithi ukuba yiBaptisti, niyazi. A—a—angikholelwa ekufafazeni lawomakhekhe. Ngivele nje ngiwabhaphathize yonke indawo, kahle kakhulu. Futhi ngi . . . Ngakho ngithela utiligi phezu kwawo, kanzima.

Ngakho manje-ke yathi, “Lalidla lokho.” Ngathi . . .

Ngacabanga, “Yilokhu-ke.”

Ngathi, “Manje, awuqondile lokho.”

115 “Awu,” yathi, “yenyukela lapho ngqo futhi uzibonele wena.” Yathi, “Lokho sekube yiminyaka emibili edlule.” Yase ithi, “Alenzi kuphela umsebenzi walo ngqo; lenza umsebenzi kamakhelwane.” Manje, niyabo, yayisishumayela kimi ngaleyonkathi.

116 Niyazi, umama wami wayevame ukuthi, “Nika inkomazi intambo eyenele, iyozilengisa yona.” Ngakho lokho kuthi akube ngokuqinisele. Yathola unyawo lwayo uqobo emlonyeni wayo uqobo, ngalesosikhathi, ngenkathi ithi—ithi, “Yenyukela lapho futhi ubuke.”

117 Ngathi, “Manje, buka, mnumzane. Uqonde ukuthi odokotela baqhaqha lowo wesifazane futhi bamthola enomdlavuza na?”

“Kunjalo.”

118 Ngase ngithi, “Futhi bamthunga na? Futhi ke uqonde ukungitshela ukuthi leyondoda laphaya, amamayela ayishumi nanhlanu ukusuka lapha, yabona lowo wesifazane futhi yamtshela impela ukuthi kwakuzokwenzekani lapho sebebeke iduku kuye na? Nalowo wesifazane wasinda kulowomdlavuzana?”

Yathi, “Yenyukela ngqo lapho. Ngizokutshela ukuthi ungafika kanjani lapho.”

119 Ngathi, “Qhabo, qhabo. Ngithatha izwi lakho.” Ngathi, “Ngithatha izwi lakho.” Ngathi, “Yebo, mnumzane. Ya.”

120 Ngangidla leli apula, niyazi, ngaso sonke isikhathi, ngilihlafuna. Ngathi, “Lelo yi apula elihle.” Ngathi, “Ngifuna ukukubuza umbuzo. Yini eyenza lawomanzi esihlahla asuke esihlahleni futhi ehlele ezimpandeni na?”

121 “Ngani,” yathi, “abefanele, ukulondoloza ukuphila kwaso senzele ubusika.”

122 Ngathi, “Manje-ke ngentwasahlobo ezayo ayabuya, ekulethela esinye isixheke sama apula na?”

“Kunjalo.”

123 Ngase ngithi, “Manje kukhona engifuna ukukubuza khona. Buhlakani buni obugijimisa lawomanzi esihlahla, buthi, ‘Lapha, kusekwindla. Buyela emuva phansi ezimpandeni bese ucasha. Uma ungacashi, ubusika buzokubulala. Buyela emuva phansi ezimpandeni bese uhlala lapho kuze kube yintwasahlobo. Bese kuthi-ke uma sekufudumele futhi kube kahle nje, manje abuye enyuke bese ekhuphula amanye ama apula alomfo? Manje, uyazi leyo yisayense yezithombo ezimilayo. Ayinabuhlakani bayo uqobo. Manje-ke, ngitshele ukuthi buhlakani buni obuthumela lokho kuphila phansi empandeni yalesosihlahla. Asinabuhlakani baso uqobo.”

Yathi, “Leyo yimvelo nje.”

124 Ngathi, “Manje-ke thatha ibhakede lamanzi, bese ulibeka phezu kwalesosigxobo phandle lapho, bese ubona ukuthi imvelo izowehlisa yini ekwindla lonyaka, bese iwabuyisa entwasahlobo. Uyabo? Qhabo, mnumzane. Kuyini na?”

125 Manje, eceleni okomzuzu. Yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Isebenza kuphela ngendlela uNkulunkulu awahlinzekele ngayo. Iphimbo elincane lithi, “Yehlela ezimpandeni,” bese ehla. Manje, enza lokho ngaphandle kwanoma yibuphi ubuhlakani. Besifanele senzeni, ngoNkulunkulu ofanayo ekhuluma kithi na? Thina, kodwa sinelungelo lokwenqaba noma semukele, futhi, cishe impela, siyenqaba. Isihlahla singenqabe. Sazi kuphela umdanti owodwa womsebenzi ngokulandelana kwawo, lokho ngukuthi, silalele umniniso.

“Awu,” yathi, “Bengingakaze ngicabange ngalokho ngaphambili.”

<sup>126</sup> Ngathi, “Ngiyakutshela uk’thini. Cabanga ngakho, isikhathi eside, sisayozingela. Futhi uma sengibuya, ungitshela ukuthi kuyini...ukuthi yini etshela lawomanzi esihlahla ukuba ehlele ezimpandeni, futhi ahlalele ubusika, bese ebuya futhi ngentwasahlobo elandelayo. Uma uthola ukuthi buhlakani buni obulawula lokho—lokho kuphila kwesihlahla, futhi buthi, ‘Yehlela empandeni, bese ubuya,’ ngizokutshela ukuthi nguBuhlakani obufanayo obangitshela, ‘ukuhamba kubekwe leloduku phezu kowesifazane, futhi uyosinda.”

Yathi, “Butshela wena?”

<sup>127</sup> Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Kwakungubani igama laleyondoda na? Uyakhumbula na?”

Yathi, “Angisalicabangi.”

Ngathi, “Kwakungesuye uBranham na?”

Yathi, “Yilelo-ke.”

Ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

<sup>128</sup> Lapho kuleyondawana yasukuma, yabamba izandla zami. Yathi, “Kanye empilweni yami, ngiyakubona okuqondile.” Ngayiholela kuKristu.

<sup>129</sup> Ngonyaka odlule ngangisezansi lapho. Seyashona, yamuka. Umusa omningi kaNkulunkulu! Nakho kuhlezi umkayo, phansi kwesihlahla, ecwecwa ama apula, aphuma esihlahleni esifanayo. Ngenyuka ngase ngithi, “Ngingaya ukuyozingela na?”

Wathi, “Asivumeli noma yikuphi ukuzingela.”

<sup>130</sup> Ngathi, “Ngiyaxolisa.” Nga—nga—ngathi, “Bengicabanga ukuthi nganginemvume.”

Wathi, “Ubungayithola kubani imvume na?”

Ngathi, “Umyeni wakho.”

Wayesethi, “Umyeni wami sewafa.”

Ngathi, “Ufe maduzane nje, akazange na?”

Wathi, “Yebo. Akabaniki neze abantu imvume.”

<sup>131</sup> Ngathi, “Phandle phansi kwalesihlahla sama apula... Ngonyaka odlule, ngangiphansi lapha, futhi sasixoxa ngalesihlahla.”

Wathi, “UnguMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Yebo.”

<sup>132</sup> Wawisa ipani lama apula. Wathi, “Mfowethu Branham, wafela ekunqobeni kukaJesu Kristu, ubufakazi bakhe bokugcina.”

<sup>133</sup> Kuyini na? Ukubona nje, kungesikho ukuzama ukwedlula kuyoyonke isayensi yezibalo yokuthi kwenzeka kanjani, kodwa

nje into encane elula, ubhekisisa uNkulunkulu ehlinzeka indlela, nento ethize igcina isendleleni. Niyabo, uBuhlakani obufanayo obungathi esihlahleni esingezwa, “Yehla futhi ufihle ukuphila kwakho,” lobobuhlakani obufanayo babuyiLowo Owakhombisa umbono wowsifazane. Futhi yakubamba. Futhi yayingenakukuphika, nokukodwa. Nakho kumi isihlahla, futhi nango owesifazane wayekhona. Amen. Niyabo? Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu!

<sup>134</sup> Kanjalo akaze bayithole indlela engcono yechwane ukuba liphume egobolondweni leqanda, kunokugqobha indlela yalo yokuphuma. Abanayo noma yiyiphi indlela engcono. Isayense ayikaze ikwazi ukuveza noma yini enye into. Uma uliqhekezile igobolondo, ukuba ulikhiphe, kuyolibulala. Lizofa. Lifanele lilandele indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, ukuze liphile. Amen. Lokho kusebenza ezidalweni ezingabantu, futhi.

<sup>135</sup> Lihlomile. Senake naliqaphela ichwane elincane uma liphuma ogobolondweni na? Linowengeziwe, umlonyana walo phezu kwegobolondo lalo, isihwayo esincane esimhlophe. Nomfo omncane phakathi lapho, lapho nje ukuphila kuqala ukufika, liqala ukunqekuzisa ikhanda lalo elincane. Kwenzani lokho na? Lesosihwayo esincane sihwaya igobolondo, futhi silenze libe lula. Lapho lithola okuningana ukuphila okuncane, liqala ukugqonqa ngaleyonto encane. Futhi emva kokuba selivele lingaphandle kwegobolondo, alisasidingi, ngakho sivele siqathake.

<sup>136</sup> Nento eyenzayo, kuyisivikelo sasekugcineni komlomo walo. Ukuba bekungenjalo, beliyoba nomlomo okhubazekile, futhi belingekwazi ukucosha okusanhlamvu kwalo. O, he! Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yokusinda! UNkulunkulu uyayilungisa, indlela nje yokuphuma lapho. Ayikho indlela engcono. Noma yini enye ibingalibulala. Lifanele lize ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Manje, uma uzama ukuqamba enye indlela noma ufanise enye indlela, uyolibulala.

<sup>137</sup> Yileyo indaba ngebandla lamaKristu namhlanje. Lizame ukwemukela enye indlela eqanjweyo, esikhundleni sokushaya indlela yalo liphume, liye eMbusweni kaNkulunkulu. Lizame enye indlela ethize, futhi ingeke isebenze. Ubulala isiguli sakho. Ubulala ingane yakho—yakho—yakho, ingane kaNkulunkulu, ngokuzama ukuqamba enye indlela. “O, asikho isidingo salokhu lapha umsindo wengane nokukhala. Asikho isidingo sakho konke *lokhu*, konke *lokhu*.” O, yebo, nakho. “Asikho isidingo salokhu ukufa.”

<sup>138</sup> Ngaphandle uma kukhona ukufa, kungebebikho ukuzalwa. Ukuzalwa kufika kuphela ngento yokufa. “Uma uhlamvu lukakolo lungaweli emhlabathini futhi lufe, luhlala lodwa.” Lufanele lubole, futhi lungene ekuboleni, bese kuthi-ke ukusuka kulokho kubola kuqhume ukuphila. Ayikho enye indlela

eyosebenza. Lufanele kuqala lubole, futhi luboliswe. Futhi yileyo ndlela esifanele sibe yiyo; sife kithi uqobo bese sizalwa kabusha ngoMoya oNgewele.

<sup>139</sup> Qhobo, abakayitholi enye indlela engcono yechwane ukuba liphume egobolondweni, kunokugqobha indlela yalo liphume. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yalo, futhi likuhlomele ukukwenza. UNkulunkulu ubengeke ahlinzeka indlela ngaphandle kokuhlinzeka ithuluzi lalo. Ngakho Uhlinzeke indlela, futhi wahlinzeka ithuluzi lechwane ukuba lizikhulule. Amen.

<sup>140</sup> Manje, kanjalo abakaze bathole noma yimuphi umbono ongcono wamadada namahansi ukuba eze eningizimu, evela enyakatho, kunokuhamba iqulo bese-ke endiza indlela yawo ehle. Ayikho enye indlela. Niyabo, ngaphambi kokuba andizele ezansi eningizimu, noma andize esuka eningizimu abuyele enyakatho, ahamba abe yiqulo, kuqala. Ngaphambi kokuba asuke ezinkundleni zawo noma emakhaya, aye ekhaya elisha, ahamba iqulo. Izinyosi yenza into efanayo. Zihamba zibe yiqulo. Leyo yimvelo. Kuyini na? Anemvuselelo. Zonke zihamba iqulo futhi zibe ndawonye. Awukaze uwuzwe umsindo ongaka empilweni yakho.

<sup>141</sup> Futhi ngaphambi kokuba size sisuke kulendawo yokuhlala, siye kwentsha, sifanele sihambe iqulo emvuselelweni.

<sup>142</sup> O, uya ngasesigejaneni samadada namahansi, awukaze ukuzwe ukunkwankwaza okukhulu kangaka empilweni yakho yonke. Anani na? Imvuselelo. Alungiselela ukusuka aye emoyeni. Amen.

<sup>143</sup> Yilokho esikudingayo namhlanje, yimvuselelo ehamba iqulo. Ayikho enye indlela; hhayi ubulunga. UNkulunkulu akabali iningi ngesibalo. Ubala ubuqotho endleleni yaKhe ehlinzekiwe.

<sup>144</sup> Manje, abakaze bathole noma yini enye ukuthatha indawo yakho. Akusoze kwaba nendlela engcono. Manje, isibonelo uma ke isayense ingathi, “Amachwane amancane amadada bandla. Asifuni nje abe esahamba abe yiqulo. Futhi sizophosa inetha phezu kwawo, ngaphambi kokuba alungele ukuhamba iqulo. Futhi sizowalusa khona ngqo ekuminyaniseni, futhi sizowathwala siwayise ezansi eningizimu.”

<sup>145</sup> Lokho kufana nokuthi, ubagijimisele kwenye inhlangano noma into ethize, niyazi, umminyandisele ndawo ndawo. Lokho kusendleni yakhe eya ekuhlatshweni. Uyazi ukuthi uya esilaheni uma engena esiminyaminyeni. Kodwa uma ehamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, ukude le kulokho. Ngakho, mhlawumbe bengingafanele ngisho lokho. Bengingakuqondile nge—ngendlela yokuba yinhlamba ngokuphikisana nenhlangano. Kodwa niyazi ngiqonde ukuthini. Mhlawumbe yilokho kuphela . . .

<sup>146</sup> Leyo ayisiyo indlela yokukwenza. Ungeke wagijimela enhlanganweni, bese uziminyanisa bese uthi, “NgiyiMethodisti, noma iBaptisti,” noma amanye futhi. Akusikho lokho. Qhabo, qhabo.

<sup>147</sup> Ufanele uhambe iqulo. Kunjalo. Ufanele ufike endaweni ongazigqobhela khona wena uphume.

<sup>148</sup> Laba, bahlangana ndawonye, bese bengena kulesisiminyaminyama. Futhi—futhi uma be. . . Uma benza lokho, bayazi basendleleni eya esilaheni.

<sup>149</sup> Kodwa, manje, ukuba ke ubungababeka bonke, ubeluse bese ubafaka esibiyelweni, bese ubathwala ubayise ezansi eningizimu, ubadedele. Manje-ke, ngaphambi kokuba balungele ukuhamba iqulo, bese-ke uphosa inetha phezu kwabo. “Asikholelwa ezinsukwini zezimangaliso.” Niyabo? “Nina madada amancane, ningeke nisandiza. Enanivame ukuba ngamadada omunye unyaka.” Inqobo nje uma uNkulunkulu enza idada, Uwenza afane onke. Futhi uma uNkulunkulu enza indlela yedada ukuba lihambe, yileyondlela onke amadada ahamba ngayo.

<sup>150</sup> Futhi niyazi ukuthi bekungenzani na? Bekungathi ekugcineni kulibulale lelodada. Beliyothamba kakhulu, amaphiko alo abengeke aphume akhule kahle. Belingeke likwazi ukuba libe lisandiza. Njengomzala walo nje wasesibuyeni, sonke isisu futhi kungekho dada. Niyabo? Alinamaphiko ukuba liziphakamise ngawo. Kunjalo. Niyabo? Beliyoba ngelithambe kakhulu njengomzala walo wasesibuyeni, abazalwane balo behlelo abangayi ndawo. Niyabo? Kunjalo. Niyabo? Kunjalo. Yilokho kuphela ebeliyoba yikho, elidala elithambe kakhulu. Belingeke lazi lutho ngokundiza likhululeke. Amen.

<sup>151</sup> Yileyo indaba namhlanje. Sizama ukubaminyanisa, futhi sibatshela ukuthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Futhi angazethembi, izinyawo zakhe ukuba zisuke emhlabathini. Bekungambulala. Ubengeke ahlale isikhathi eside kakhulu.”

<sup>152</sup> Kodwa, niyazi, lelodada elincane belizothi, ukuba belingakhuluma liphendule, “Qhabo, ngiyabonga.”

<sup>153</sup> “O, kulula. Awunanto ozoyenza. Ungenza nje ngendlela ofuna ngayo.”

<sup>154</sup> Belizothi, “Ngiyabonga. Ngenza ngendlela engifuna ngayo, ngoba kunento ethize kimi, enyakazayo. Amen. Futhi ngifanele ngenze ngendlela engifuna ngayo.” Futhi wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, kunento ethize enyakaza kuye. Uzofanele andizele amazulwini, amanye amadlingozi, enye into ethize ekwenza kube yikho ngempela.

<sup>155</sup> Umfo omncane ubezothi ekugcineni afane nenkukhu, inyoni efuywayo. Ubengeke nje esakwazi ukususa izinyawo zakhe emhlabathini. Ngakho ukuba inkukhu ibingahlala

njalo iqhubeka nokundiza emoyeni, ngani, ibingahamba kahle. Ibingaya empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu, futhi ibone izinto.

<sup>156</sup> Nenye into, niyabo, ibingeke nje ikwenze. Ngoba, emgwaqeni ezansi ukusuka eCanada, icosha izinhlobo ezehlukene zezimpahla, ukudla ebingeke ikuthole ukuba ubuyifake esibiyelweni, nje uyipha okusanhlamvu ngasosonke isikhathi. Ningayifunda ivaliwe na? Uyibeka laphaya, ngakho nje yazi isiVumokholo sabaPhostoli, okubizwa kanjalo, nokuthi kuyiwa kanjani kuSonto sikole, nalokho kuthi nje akube yilokho kuphela okukukho; ikhokhele umshumayeli, futhi iphile ngendlela efuna ngayo.

<sup>157</sup> Kodwa, o, uma usekundizeni, amen, uma usekundizeni, ucosa okuningi kunesivumokholo sehlelo lakho. Ucosa amavithamini, amavithamini kamoya akha umzimba oqinile, ogcwele imisipha, nezimpaphe zezimpiko ezingakuphakamisa usuke ngezinyawo zakho futhi akukhombise izinto ezayo. UMoya oNgcwele, “Nxa Yena, uMoya oNgcwele esefikile, Uyonikhombisa lezizinto, anembulele lezizinto eNginitshela zona; futhi uyonikhombisa izinto ezayo.” Yebo. Qhabo, ubungeke umminyanise futhi umthathe. Bekungeke kusebenze. Qhabo. Uma umminyanisa, uqonde ekuhlatshweni.

<sup>158</sup> Kanjalo nendoda ibingeke ize ikhethe indlela engcono kunaleyo engahle ikwazi. Ungahle uhambe futhi uthi, “Manje, Mnu. Dada, ngizokutshela okuthize. Uhamba ngendlela engesiyo. Ufanele uye *ngapha*, uphinde uzifake endleleni. Wehlele ogwini *ngapha*, eyakhona. Kungcono kunokuhamba ngendlela ohamba ngayo.” Ngeke kusebenze nje. Qhabo. Qhabo. Bacabanga ukuthi bazi indlela engcono kunendlela uNkulunkulu ayihlinzekele bona. Kodwa, bayazi.

<sup>159</sup> Noma, ubungabakhethela umholi ongcono kunomholi ohlinzekwe nguNkulunkulu uNkulunkulu abanikile na? Nomuntu akasoze akwazi ukukhetha umbhishobhi, noma inhlango, kumbe noma yini enye eyothatha indawo yobuholi bukaMoya oNgcwele eBandleni. Ayikho enye into ebizakwenza. Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu! UNkulunkulu wabahlinzekela indlela, uMholi, uMholi ophfumulelwe.

<sup>160</sup> Nalowomholi uphufumulelwe. Ngani, ngiwabhekisisile isikhathi esiningi, uma ngithatha uhambo lokuyozingela kusesekuseni, ngilandela izimvu noma into ethize uma udingeka uhambe kusesekuseni, phezulu ezintabeni. Kungakabikho ngisho isithwathwa. Mhlawumbe, phezulu lapho, iqhwa elincane liyomboza intaba. Lowo moya obandayo uyoshwibeka wehle unqamule entabeni. Kunelizalwa lingumholi ngokwemvelo phakathi kwawo. Liyogijima ngqo liphume kulelochibikazi kanjalo, futhi likhale kane noma kahlanu, futhi nanto iquilo liza.

Yebo, mnumzane. Onke ayalazi. Alazi ngendlela elikhala ngayo. O, he!

<sup>161</sup> Niyazi ukuthi bengikhuluma ngani izolo ebusuku, icilongo leVangeli, uma likhala ngezwi elingaqondakaliyo. Ukukhala kwalo akunikezi elinga- . . . Alikhali ngezwi elingaqondakaliyo. Angamadada angempela. Ayakwazi ukukhala kwedada. Ukuba ke ububeke impangele endala phandle lapho, noma ikewu na? Ukukhala kwalo bekungeke kuzwakale kahle. Ayakwazi ukukhala komholi.

<sup>162</sup> Nebandla belifanele likwazi. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, bephika amandla akho,” labo-ke, ungabavumeli bahole. “Abanamawala, abakhukhumele, abathanda izinjabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene,” nabangawathandi lawomadada elindizayo. Niyabo? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabo?

<sup>163</sup> Bayalazi lelozwi leVangeli. “Izimvu zami ziyalazi iPhimbo laMi.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Umfokazi aziyikumlandela.” UNkulunkulu ufakazisa njalo ukuthi kuqinisile.

<sup>164</sup> Qaphelani, manje. Futhi bangeke bathole i . . . Ubungeke uwakhethele. Ukuba ke ubuphumele lapho, wase uthi, “O, akenilinde kancane, madada amancane. Ninephutha ngempela. Nanti iqhude ledada elikhulu elihle. He, libukeka linjengenkosi phakathi kwenu. Futhi manje niyazi ukuthi ngizokwenzani na? Ngizothela amanzi amancane phezu kokhakhayi lwekhanda lalo, futhi ngizoligcoba. Ngizolenza iDada eliyiNkosi. Futhi ngizolethwesa umqhele, futhi ngiligqokise ngokwehlukile kancane, ukuze nonke nizolazi nonke. Njalo nilandele lomfo lapha, ngoba uphucukile.” Lidedele esizibeni. Belingakhala ngakho konke ebelifuna ukukhala ngakho. Onke amadada abengalifulathela, ngoba likhala ngezwi elingaqondakali. Ya.

<sup>165</sup> Kodwa ake udedele lelodada elincane elikhethwe nguNkulunkulu ukuba libe ngumholi, ake likhale, futhi abhekisiseni onke ehamba iqulo eya emvuselelweni. “Lapho kunesidumbu khona, izinkozi ziyobuthana.” Wazi konke ngakho. Niyabo? Ngakho U—Unendlela ehlinzekiwe. Namadada ayayazi indlela ehlinzekiwe. Kubi kakhulu ukuthi umuntu akayazi. Kulungile. Kodwa yileyo ndlela okwenzeka ngayo, manje. Kulungile.

<sup>166</sup> Uma liyidada elingumholi eliphefumulelwe, lizowaletha endaweni kaNkulunkulu ehlinzekiwe yawo. Futhi uma kuphela siyolalela lokho uMholi akushoyo, uMoya oNgcwele, Uyosibuyisela ngqo emuva eZwini futhi. Leyo yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Ngasemgwaqeni asidingi zivumokholo nehlelo, nokhula lwasendle. Kunotshani obuthize bamadada nezinto esifanele sizidle, amadada ayakwenza, ehla. Futhi kunokudla ukuthi i . . . Impela, i—



izimbali zikaNkulunkulu, izidalwa eziqonde ezulwini zidla ngasemgwaqeni, futhi lokho ngukuthi, “Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Niyabo?

<sup>167</sup> Lelodada, idada elingumholi, liyowaholela endaweni ehlinzekwe nguNkulunkulu, aqonde nje ngqo eLouisiana. Lapho, elinye lalawa amanye angeke azi ukuthi beliyaphi, afika phezulu lapho bese eshaya indingilizi.

<sup>168</sup> Ngangifunda ephephambukwini i*Life*, cishe eminyakeni emithathu noma emine eyedlule, lapho okwakukhona iqhude elidala lehansi elaqala ngesigejana phezulu lapho. Futhi lalizisho ukuthi lalingumholi. Nento yokuqala niyazi, azungeleza enyuka awelela eNgilandi, akakaze abuye namanje. Kunjalo. Ngakho azofanele abhekisise ukuthi hlobo luni lwedada noma iqhude lehansi alilandelayo. Ngakho bathi, laphaya eNgilandi... Wona angabakhali baseCanada, futhi. Futhi awelela lapho eNgilandi, futhi macala onke, enza iqulo, kodwa awazi ukuthi iyiphi indlela yokubuya. O, he!

<sup>169</sup> Kubi kakhulu ibandla libambe iqhaza elikhulu kakhulu lalokho, nalo, lalandela lachezuka endaweni, abazi ukuthi bazobuya kanjani. Bathi, “Awu, si... Nginyaqonda ukuthi ugogo washo, ephindwe kagogo washo ukuthi ugogo wakhe washo, ukuthi babevamise ukuba nezinkonzo zokuphilisa ebandleni. Lolo izinsuku zezimangaliso selwedlule,” nivumele umuntu mumbé anihole anichezukisele emzileni ongafanele. Kungcono nilandele indlela ephefumulelwe nguNkulunkulu, okuyiyona ndlela kuphela.

<sup>170</sup> Qaphelani lelidada elincane. Akukho noyedwa oke wakwazi ukuwayisa endleleni nganoma yikuphi ukwehluka. Ayazi ukuthi umholi omncane uzowaholela nje ngqo endaweni ehlinzekwe nguNkulunkulu. Futhi likwenza kanjani na? Ngamathuluzi aKhe ahlinzekwe nguNkulunkulu. Ukhiphe izimpondo zakhe zokuzwa, ngaso sonke isikhathi, njengoba besifanele sibenazo, sibamba uMoya, izimpondo zethu zokuzwa zokomoya.

<sup>171</sup> Manje, sithola ukuthi liyokhuphukela emoyeni, phezulu le emoyeni. Likhipe izimpondo zalo zokuzwa. Livalwazi uhlobo lokudla lamadada amancane elizofanele liphile ngalo, ukwenza lokhu kundiza. Ngakho uma licosha into ethize phansi le emhlabathini, uzolibona lisuka lijubalala, futhi lifike phansi. Lonke iqembu liyokwehla ngqo, nje libe nejubili lokwazi ukudla okuhle. Futhi liyokhala, ayobuyela phezulu emoyeni futhi, aqonde ngqo ngaseningizimu. Kunjalo. Umholi kaNkulunkulu, umholi kaNkulunkulu wamadada. Kunjalo.

<sup>172</sup> Ngifuna ukusho enye into ethize. Niyazi, abakaze bakwazi ukuthola ngokwesayense, bathole indlela engcono yengane ukuba ithole ekufunayo ngaphandle kokukukhalela. Niyazi, ngeke bayifundise imfundo ukubhonga. Futhi ngeke

bayifundisa imfundo ukuba ikhulume ngokushesha kangako. Kodwa niyazi ukuthi ikuthola kanjani na? I vele nje ithathe indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yakho. Iyakukhalela, iklabalase, futhi ikhahlele, futhi idazuluke ize ikuthole. Niyabo? Kunjalo. Yileyondlela kuphela, ngukukhalela. Abakwazi ukuthola indlela engcono ehlinzekiwe kunendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Kunjalo. Nje kudedele. Nalezozinto zokwemvelo. . .

<sup>173</sup> Ngama, lapha kungekudala, eJalimane, futhi ngangikhuluma eqenjini labantu elibanzi. Futhi ngathi, “Yini indaba ngani maJalimane na? Niyazi, bengiza ngehla ngestradi, nenja yakhonkotha, futhi ibikhonkotha ngesiNgisi.” Ngathi, “Umama ubezama ukuthulisa ingane yakhe phandle lapho emotweni, esikhashaneni esedlule, futhi ibikhala, futhi ibikhala ngesiNgisi.” Ngathi, “Kungani sithole ukuba mathizethize konke ngakho na? Niyabo? Zihamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Futhi sivela embhoshongweni waseBabele, niyabo, sathola konke ukuba mathizethize.” Kunjalo!

<sup>174</sup> Uyazi ukuthi indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yindlela ezedlula zonke. Abazi ndlela engcono yengane ukuba ithole lokho ekufunayo kunokukhalela. Njengoba uDkt. Bosworth wayevame ukuthi, “Ingane ekhala kakhulu kunazo zonke ithola ukusizakala okwedlula konke.” Kuthi akube ngaleyondlela.

<sup>175</sup> Lokho kuya kubantwana bakaNkulunkulu. Benginganifanisela lokho. Indoda iyasukuma, phezulu, sithi, ihlafuna ushingamu wayo kahle kakhulu, “Uyazi, Baba, ngilapha kulobubusuku. Uma Ufuna ukungipha uMoya oNgcwele, kulungile. Ngilapha. Kodwa uma Ufuna ukungiphilisa, ngihlezi lapha. Kodwa uma Ungakwenzi, ngani, kulungile. Yintando yaKho, Nkosi.” Usevele uyibhalile intando wayikhipha, lapha eBhayibhelini. “Lena yintando yaKho.” Kulungile. Lena yintando yaKhe, khona *lapha*. “Futhi uma Ufuna mina ngibe nayo, ngizoba nayo. Kodwa, nokho, uma Ungafuni, ngani, kulungile.” Awusoze wafinyelela ndawo.

<sup>176</sup> Kodwa ake kuthi leyo ifike lapho futhi imemeze, njengoBuddy Robinson. Wama phakathi nensimu yombila. Wabopha umnyuzi wakhe. Wathi, “Nkosi, uma Ungangiphi uMoya oNgcwele, uma Usubuya uyothola inqwaba yamathambo ilele khona lapha. Ngizohlala lapha ngize ngiMthole.” Lowo ngumsebenzi.

<sup>177</sup> UNkulunkulu njalo uyancoma kubantu baKhe, abantwana baKhe abakholwayo, ukuba njalo bahambe ngendlela yaKhe ehlinzekelwe. Lowo ngumbono kaNkulunkulu, ukuncoma kubantwana baKhe, indlela yaKhe ehlinzekiwe. Kukhalele okudingayo. Ufuna wena umemeze.

<sup>178</sup> Ngenkathi uPetru eqala ukuphuma, ehamba phezu kwamanzi, wayecabanga ukuthi wayehamba kahle. “Uyabo

ukuthi ngenza kakhulu kanganani?” Waqala ukucwila. Akashongo ukuthi, “Awu, ngiqagele kwehlulekile,” wehlela phansi ekugcineni, amagwebu ambalwa ayaqubuka, futhi kwakuyilokho kuphela okwakho. Niyabo? Qhabo, qhabo.

<sup>179</sup> Wamemeza, “Nkosi, ngisindise.” Amen. Nalesosandla saPhakade safinyelela phansi sase simphakamisa futhi. Ngani na? Wamemeza.

<sup>180</sup> Yileyo indaba ngebandla. Asilali lapho isikhathi eside ngokwenele. Asimemezi isikhathi eside ngokwenele. Asibambeleli kukho. Uma ingane encane ifuna into ethize, iyokhahlela futhi idazuluke, ijike ibe bomvu ebusweni. Siyesaba ukuthi sizothatha u (kuyini, enikubiza ngakho?) umuthi wokupenda amashiya abemnyama ebusweni bethu, noma ngabe kuyini, lowopende. Uthola—uthola okufunayo kuNkulunkulu, uyokususa, noma kanjani. Ngakho, awudingeki ukuba ukhathazeke ngakho. Uyokona izinwele zakho, kodwa lokho akwenzi mehluko. Qhabo. Qhabo, mnumzane.

<sup>181</sup> Manje, uNkulunkulu akasibhekile ukuba size kuYe nenkulumo ethize yokuhlakanipha. Ngiyakhumbula ngakuzama lokho ngenkathi ngizama ukuthola ukusindiswa. NgangizoMbhalela incwadi bese ngiyifaka emahlathini, ngoba ngangazi ukuthi Wayezozza edlule emahlathini futhi angitshela. NgiMtshele ukuthi nginamahloni ngami, futhi nga—ngangingafuni ukukwenza. Futhi ngaguqa lapho ukuba ngikhuleke. Ngathi, “Manje, ake sibone. Ngibone isithombe ngesinye isikhathi, ukuthi babamba izandla zabo *kanje*.” Ngathi, “Mnu. Jesu, ngifisa sengathi Ubungeza lapha umzuzu. Ngifuna ukuxoxa naWe umzuzu nje. Ngilalele.” Akukho muntu. Ngathi, “Ngikwenze ngokungesikho. Kulungile. Mnu. Jesu, mhlawumbe ngifanele ukukwenza *kanje*.” Ngathi, “Mnu. Jesu, Ungeza ungisize na? Ngiyisoni. Ngifuna ukuxoxa naWe umzuzu.” Akukho muntu ozayo. Ngasonga izingalo zami. Ngathi, “Mnu. Jesu, Ungeza lapha na? Ngifuna...Ngizwa abantu bethi, ‘UNkulunkulu waxoxa nami.’” Ngathi, “Mnu. Jesu, Ungeza lapha na? Ngifuna ukukhuluma kuWe.”

<sup>182</sup> Kusobala, khona-ke udeveli ufika enkundleni. Yileyondlela enza ngayo. Angahle akutshela, “Amadolo akho ayathunukala. Asikho isidingo sokucela, uyabo. Linda, ukuthole kusasa ebusuku.” Uhlala njalo engakhona uma ungalungele. Wayesethi ke kimi...Kodwa njalo, akushoyo, thatha ithuba lalokho akushoyo. Thatha ithuba lakho.

<sup>183</sup> Wathi kimi, “Uyazi ukuthini? Usuvele uneminyaka eyishumi nesishiyagalolunye, noma iminyaka engamashumi amabili ubudala.” Wathi, “Usuvele uneminyaka engamshumi amabili ubudala. Usulinde isikhathi eside kakhulu.”

<sup>184</sup> Ngathi, “O Nkulunkulu, sengilinde isikhathi eside kakhulu. Nkosi, Awungizwa ngisho, ngizoKutshela, noma kanjani.

Bengifuna njalo ukwenza lokhu.” O, mfowethu, lokho kwaMletha enkundleni. Niyabo? Kwakuyini na? Ngamemeza, kalula nje. Memeza! “Nkosi Jesu, Wakwethembisa, Nkosi.” Ufika enkundleni.

<sup>185</sup> Yileyondlela yokuMletha enkundleni. Uyingane nje. Khala, kumemezele.

<sup>186</sup> Ungazami ukuthi, awu, cishe into kakhulu, enye, nomkhuleko othize omkhulu obhalwe wagqama ozejwayeza wona, ihora noma amabili. Lokho akusizi ngalutho.

<sup>187</sup> Njengoba bethi, “Uwushilo umkhuleko na?” Qhabo. Kuyisono ukusho owodwa. Uyawukhuleka owodwa. Ungawusho owodwa. Ukhuleke owodwa. “Ngisholo umkhuleko.”

<sup>188</sup> Ngathi, “Ungangenzeli lokho. Ungangikhulekela, kodwa ungasho-mkhuleko.” Qhabo, mnumzane. Qhabo. Nje, ngikhulekele uma ukhuleka. Kulungile.

<sup>189</sup> Khalela izidingo zakho. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Akayichazanga yini uJesu ngenkathi Esho ngomahluleli ongalungile, kowesifazane owakhala imini nobusuku na? Kukakhulu kangakanani uBaba waseZulwini ayobapha uMoya omemeza ngaKho, imini nobusuku na? Funani, qhubekani nifuna. Ngqongqothani, qhubekani nokungqongqotha. Qhubekani nje aze Avule. Hlalani phandle nakho. Khalani lize liqinisekiswe iZwi elithenjisiwe, khona-ke ninakho. Anidingeki ukuba nibe nisakhathazeka. Niyabona iBhayibheli lakwethembisa, manje-ke hlalani ngqo lapho futhi nikhale nize nikuthole.

<sup>190</sup> Uma ingane encane ibona igwinya futhi ilifuna, ivele ikhale nje, futhi ikhale, futhi ikhale, futhi inamathele, ikhahlele, futhi idazuluke, futhi impopoloze, futhi ijike ibebomvu ebusweni. Umama wayo uyitholela igwinya, futhi sekuphelile. Niyabo? Ithole ekubonile, ebikufuna. Uma ifuna ukukhotha enkomishaneni yakho ka ayisikhrimu, iyolokhu nje ivusa ukuqophisana ize iwuthole. Niyabo?

<sup>191</sup> Awu, yileyondlela esifanele siyenze. Uma ngibona isithembiso eBhayibhelini esiyiZwi likaNkulunkulu, khona-ke ngivele ngihlale lapho nje futhi ngimemeze uNkulunkulu aze anginike sona. Futhi Uyokwenza lokho, akususe ezandleni zaKhe; niyabo, lokho bekungaba kokwemvelo. Kodwa Ufuna wena ukuba ukwenze. Uthanda wena ukuba ucele. “Celani kuchichime ukuba izinjabulo zenu zigwaliseke.” Ya. Ya.

<sup>192</sup> Khalani iZwi laKhe lize liqinisekiswe. Manje, mngani, ake sibhekisise umzuzu nje manje. Khalani iZwi lize liqinisekiswe.

<sup>193</sup> Inkathazo yakho ingukuthi, sithola igwinya futhi sicabange ukuthi yilokho kuphela okukhona. Kunetafula lonke eligwele. Siba kanjalo ukuze sikwazi ukukhuluma ngezilimi, sithi, “O, mfowethu, yilokho-ke.” O, qhabo. Lokho akusikho. Lokho nje

ngokunye kwakho. Kunjalo. “O, ngithole ukujabula okwenele ukuba ngimemeze.” Lokho ngokunye futhi kwakho. Kodwa kunenqwaba yonke enye yakho. Qhubeka nje umemeza, uze . . .

<sup>194</sup> Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yabantu baKhe. Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu njalo ingukuthatha iZwi laKhe nokubambelela kuLo lize Liqinisekiswa kuwe. Manje, niyangilandela na? UNkulunkulu, indlela ehlinzekiwe, bambelela esithembisweni size sibonakaliswe kuwe.

<sup>195</sup> Futhi, khumbulani, ngiserekhodini ngalokhu. Ukuthi, noma yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu eBhayibheleni, uma . . . Sisezimweni manje. Ngenxa nje yokuthi niyakholwa ukuthi silapho, lokho akusenzi sibenjalo size senzeke.

<sup>196</sup> LabobaFarisi nabaSadusi wayekholwa impela nje ngalawo masakramente ngakho konke ababengakwenza. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Ayanuka ekhaleni laMi.” Niyabo? Kwakungekho buqotho. Kwakungekho lutho kukho okwakufanele kubekhona.

<sup>197</sup> Nifanele nize phezu kwesithembiso esiyisisekelo, bese-ke kuba phezu kwesimo senu sengqondo sokuziphatha ngakuso.

<sup>198</sup> Bukani labo bapristi abangamakhulu amane ngalolosuku, noma abaprofethi, uAhabi ayenabo phandle lapho. Bathi, “IRamoti-gileyadi lingelethu. UJoshuwa, ngoMoya oNgcwele, walaba leli. NamaSiriya linalo.” Nomunye umprofethi wathi, “Manje, bukani lapha, lokho kuqinisile ngokomsuka.” Manje, wayeyiBaptisti yangempela. Futhi wathi, “Lokho kunjalo impela. Leso yisithembiso esiqavile, isithembiso. Lelozwe lingelethu.” Ngakho wazenzela izimpondo ezinkulu ezimbili, wayesethi, “Yenyukela lapho, bese uthatha lezizimpondo bese uqhubukusha iSiriya lisuke liyothi ngqu. Lelo lingelika Israyeli.” Kunjalo. Ngokomsuka, kwakuqinisile.

<sup>199</sup> Kodwa wathini uMikhaya omncane na? Wathi, “Ngabona uIsrayeli ehlakazekile njengezimvu ezingenamelusi.” Niyabo?

<sup>200</sup> UAhabi, lowo mzenzisi ezansi lapho, evumela uJezebeli ehamba emgijimisa, enza yonkinto. Izwi likaNkulunkulu langempela liza ngomprofethi, laliyiqalekisa leyonto. Futhi uNkulunkulu wayengakubusisa kanjani okwakuqalekiswa ngumprofethi ngeGama leNkosi na? Niyabo? Ngeke kwenzeka.

<sup>201</sup> Akunandaba ukuthi siyisizwe esikholwa kangakanani, ukuthi sinemumva elingakanani, into yonakele futhi yonakele. Ayisekho.

<sup>202</sup> Akunandaba ukuthi impilo yenhlangano yethu inkulu kangakanani ebandleni, sikholelwa kuyo, yinhle, kulungile, kodwa into yonakele. UNkulunkulu usevele ubabeke phezulu eshalofini, futhi balele lapho. Futhi akukho nasiqephu somlando ukuthi noma yimuphi wake wavuka futhi. Ngakho, kuyiphutha. Kuphelile, kwesulwa. Akulungile.

203 IZwi laKhe njalo liyilokho Afuna ukukubona kuqinisekiswa. Liyoqinisekiswa kuphela phezu kwezimo ezithize, ukuthi uma nihlangabezana nalezozimo. Nibabonile abantu abangathatha iZwi likaNkulunkulu futhi balenze nje libaphilele. Nabanye babuyela emuva ngqo neZwi elifanayo futhi bangenze lutho ngalo. Kusezimweni. Kunjalo.

204 Bukani lapha. Ngizonikhombisa isibonelo salokho eBhayibhelini. UIsrayeli wayesemgwaqeni enyukela ezweni elithenjisiwe. Nakhu kuza uMowabi, okwakuyi—kwakuyinkolo efanayo, impela. Lowo kwakungumntwana wendodakazi kaLoti. Futhi qaphelani ngenkathi uBalami eza ehla, kwakunguNkulunkulu ekhuluma kuye. Wabeka ama altare ayisikhombisa, njengo Israyeli nje owayenama altare ayisikhombisa. Wabeka imihlatshelo ehlanzekile eyisikhombisa, izinkunzi ezisencane phezu kwe altare. Lokho kuyikho impela nje uIsrayeli ayenakho. Nenye into, wabeka izinqama eziyisikhombisa, zikhuluma ngoMesiya ozayo. Yilokho impela uIsrayeli ayenakho. Okomsuka, bobabili babeqinisile, ngokomsuka. Kodwa kwakusezimweni. Amen. Wehluleka ukubona isithembiso sikaNkulunkulu sangempela.

205 Leyo yinto efanayo okwakuyiyo ekufikeni kukaKristu. Leyo yinto efanayo esibuyile namhlanje. Kusesimweni. Kunjalo.

206 UJobe. UNkulunkulu (enzani na?) enza indlela ehlinzekiwe. UJobe, umprofethi, wayedinga umduduzi.

Manje, lalelisani manje. Isikhathi sami sesihambile.

207 UJobe wayedinga umduduzi. Namadoda azama ukumhlinzeka ngaleyonto, futhi awakwazanga ukukwenza. Njalo ayemsusa uJobe emgqeni. Kodwa uJobe ubuya ngqo. Wayedinga umduduzi. UNkulunkulu wamhlinzekela umduduzi, ngenkathi Emnika umbono kaJesu Kristu. Futhi wamemeza, “Ngiyazi uMhlangi wami ukhona. UMhlangi wami,” Munye kuphela, “futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu komhlaba.” Manje niyawukhumbula umbono.

Uthe, “UMhlangi wami.”

208 Wamkhombisa uKristu. UKristu yiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” Futhi ngenkathi uJobe, engumprofethi. . .

209 Manje lalelani. UJobe, engumprofethi, iZwi leNkosi liza ku (ini?) mprofethi. Uqobo. Yilapho iZwi liza khona. Wazi kanjaloke ukuthi ngabe bangabaprofethi noma qha. Bahlala eZwini. IZwi lembulwa kumprofethi. NoJobe wayengumprofethi. Wayengakuboni ukuphela, kodwa ngenkathi ebona iZwi, engumprofethi, wathi, “Ngiyazi uMhlangi wami ukhona,” emva kokuba ibandla lase lehlulekile, emva kokuba yonke enye into yase yehlulekile.

210 Ngisho nomkakhe othandekayo wayemehlulekisile, futhi wayefuna athi. . . “Awuqhubeki ngani nje futhi uthuke uNkulunkulu, bese ufa ukufa, Jobe na?”

211 Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula. INkosi iphile; iNkosi ithathile; alibongwe iGama leNkosi.” Nemidumo iqala ukuduma, nemibani ibaneka. UMoya ufika phezu komprofethi, futhi wabona iZwi. Wayesethi-ke, “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu komhlaba. Noma izibungu zesikhumba kubhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu. Amen. Ngiyakuzibonela. Amehlo ami ayakubheka, futhi kungabi ngomunye. Asilethanga lutho kulelizwe, futhi kuyiqiniso ukuthi asikhiphi lutho. INkosi iphile; iNkosi ithathile; alibongwe iGama leNkosi.” UMduduzi onje pho! Wacela ilunga lebandla; uNkulunkulu umnika umbono. Wacela umbhishobhi ukuba eze amnike induduzo, igosa; uNkulunkulu wanika umprofethi umbono. Yilokho ayekudinga.

212 UIsrayeli wadinga indlela yokuphuma eGibhithe. Babedinga enye indlela, amandla athize ezempi noma into ethize, ukubakhulula baphume ezandleni zabaseGibhithe. UNkulunkulu wahlinzeka umprofethi eneZwi eliqinisekisiwe lase kuqaleni. UMose! Kunjalo na? Babefuna umbutho ukuba usukume nokuthi ubakhiphe, futhi ushaye ulahle phansi abaseGibhithe. Kodwa uNkulunkulu wabathumelela iZwi, umprofethi neZwi eliqinisekisiwe uNkulunkulu ayelikhulumile ngaphambili kuAbrahama, ethi, “Inzalo yakho iyakugogobala ezweni labezizwe. Kodwa Ngiyakubahambela ngesandla esinamandla,” iZwi uNkulunkulu ayelikhulumile. Babekhalela umkhululi, noNkulunkulu wabathumelela umprofethi eneZwi. UNkulunkulu wayenendlela ehlinzekiwe ukusho umehluko phakathi kokholwayo nongakholwayo. Futhi uNkulunkulu. . .

213 Manje, abanye babo bathi, “Awu, manje, uma inhlupheko yehla, siyovele nje siyongena esibhedlela. Uma inhlupheko—uma inhlupheko kwenzeka yehla, niyazi ukuthi siyokwenzenjani? Siyohamba silande uDkt. Jones. Uyokwazi ukuthi inakekelwa kanjani.” Akusebenzanga. Nokho, babesmati. “Awu, uma inhlupheko yehla, siyovele nje sehlele ngaphansi komhlaba, emgedeni, bese sivala umnyango phansi.” Lokho ngeke kukwenze nokuncu okukodwa okuhle. “Siyohlala endlini, bese sifaka isifihla-buso ebusweni bethu, bese—bese sibeka esinye isibulala magciwane kuso.” Akwenzanga nokunci okuhle.

214 UNkulunkulu wenza indlela ehlinzekiwe. Yebo. Futhi kwaku (ini?) yigazi. UNkulunkulu walihlinzeka, ngoba kwakubonakala kalula nje, ukuthatha igazi lewundlu bese kufafazwa umnyango. Nokho, uNkulunkulu wathi leyo kwakuyindlela yaKhe, futhi Wayihlonipha. “Bonke abangaphandle kwegazi bafa, izibulo.”

215 Ngenkathi uNowa edinga indlela ehlinzekiwe, ekusindisweni kwabendlu yakhe, uNkulunkulu wayemakhise umkhumbi. Bangahle ukuba bakha izikebhe zokulingisa. Yilokho abantu abakucabangayo namhlanje. Kodwa, niyabo, lesi kwakuyisikebhe esikhethekile. Mhlambe babenazo izikebhe ngaleyonkathi, okufanayo njengoba benazo manje, kodwa lesi kwakuyisikebhe esikhethekile. Kwakuyi...Ngilaleni manje. Kwakuyisikebhe esakhiwe nguNkulunkulu.

216 Nebandla namhlanje liyindlela efanayo. Lizofanele libe yibandla elakhiwe yiBhayibheli. Isehlakalo sami asisikho ukuba yilunga eliwadlula onke ebandleni, kodwa isehlakalo esakhiwa yiZwi likaNkulunkulu. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Isehlakalo esakhiwe nguNkulunkulu, iyonanto kuphela ezongenyusa. Iyonanto kuphela ezonyenusa.

217 Noma yini ezophakama ngaphezu kwalokho, angikhathali ukuthi bangaki, “Ngiyeza...” Uthi, “Buka, ngi—ngiyiMethodisti elungileyo, iBaptisti, iPresbyterian, noma iPhentekoste.” Lokho ngeke kuthi shu kuNkulunkulu.

218 Kuzofanele kube ngokuyalwe nguNkulunkulu. Nalowo nguMoya oNgcwele, ngeZwi. NoMoya oNgcwele awusoze wayala noma yini kodwa iZwi, ngoba LinguMoya oNgcwele. Abantu beholwa, o, baloba iBhayibheli ngoMoya oNgcwele, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

219 Manje, uIsrayeli wayedinga u—ukuhlinzekwa. NoNkulunkulu ubanika khona, futhi wahlukanisa ikholwa kongakholwayo. Into efanayo okuyiyo namhlanje, ikholwa nongakholwayo, bayehlukaniswa.

220 UMose. Ngizofanele ngeqe inqwaba yamanothi manje. Kodwa, uMose, inceku kaNkulunkulu ethembekile!

221 Manje lalelani, nina abadala. Abanye benu njengami, onyukela le eminyakeni yabo, lalelani.

222 UMose wayekhonzwe uNkulunkulu ngokuthembeka. Wayebekezelele konke ukuthethisa kwabo, nabo bonke oDathani ababevukile futhi bathi, “Uthi, kukhona amanye amadoda engabaprofethi ngaphandle kwakho. Awusilo itshana eliyimbulungana kuphela ebhishi.” Futhi wayazi wayenomlayezo kaNkulunkulu wabo. Abazifanisayo bavuka.

UMose wavele nje wathi, “Nkulunkulu, ngingenzenjani na?”

223 Wayesethi, “Zekuhlanise. Ngizovele nje ngiyigwinye into lombolozu. Thatha izintonga zakho, bese uyongena lapho bese ubona ukuthi iyiphi ehlumayo. Uyabo? Ngizokutshengisa ukuthi ubani ongumpristi, ubani ongumprofethi.”

224 NoMose wayesisebenze ngokwethembeka isikhundla. Kwase kuthi—ke ngenkathi esegugile, eneminyaka eyikhulu namashumi amabili wayehambe ngokwethembeka noNkulunkulu. Yonke leminyaka engamashumi amane ehlane, wamela zonke



izinhlobo zezinhlobo zezizwe nabantu, njalonzalo. Kwase-ke kufika endaweni yokuba afe. Wayedinga indawo yokufela. UNkulunkulu wamhlinzekela indawo phezu kweDwala.

<sup>225</sup> O Nkulunkulu, mangifele lapho, nami, phezu kweDwala. IDwala lalinguKristu, niyazi. UNkulunkulu wahlinzekela uMose indawo ukuba afele kuyo. Yilapho, kuphela, engifuna ukufela khona. Mangifele kuKristu.

<sup>226</sup> Kwase kuthi-ke ngenkathi esefile, umzimba wakhe ulele phezulu lapho, wayedinga abathwali bebhokisi lesidumbu. Ngakho uNkulunkulu wahlinzeka abathwali bebhokisi lesidumbu, iziNgelosi. Ngani na? ZaZiyiyo kuphela ezazingamyisa lapho ayeya khona. Amen. UNkulunkulu wahlinzeka abathwali bebhokisi lesidumbu. Kunjalo.

<sup>227</sup> Ngithembele kuMoya oNgcwele, eZwini, isithembiso. Hhayi ukuthatha ukhishelwe umngcwabo omkhulu omuhle. Benza isicebi ngaleyondlela, kodwa siphakamisa amehlo aso sesisehayidese. Niyabo? Hhayi ngomngcwabo ofekethisiwe. Akwenzi mehluko. Ngifuna ukuthatha indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. “Labo abakuKristu uNkulunkulu uyakuba letha kanye naYe nxa Efika.” Yilokho ukuhlinzeka. UNkulunkulu wenzela umprofethi waKhe othembekile indawo yokufela.

<sup>228</sup> UEnoke, emva kokuhamba iminyaka engamakhulu amahlanu noNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamtshela, “Enoke, awuzukudingeka ukuba ufe. Uyafuna ukwenyukela ekhaya na? Usukhumbule ekhaya, Enoke na?”

Wathi, “Ya, Nkosi. Ngikhumbule ekhaya.”

<sup>229</sup> Wathi, “Uhambile endlini yezifo ezibulalayo ezansi lapho isikhathi eside ngokwenele na?”

Wathi, “Yebo.”

Wathi, “Kulungile, qala nje uhambe.”

<sup>230</sup> UEnoke wayedinga ilada. UNkulunkulu umnika umgwaqo omkhulu. Leyo kwakuyindlela kaNkulunkulu yakhe. Wamhlinzekela umgwaqo omkhulu, oya phezulu! Akazange. . . Wavele wakhuphuka ngqo, *kanjalo*. Akadingekanga ukuba abe nobunzima, nhlobo. Wavele nje wagijima wakhuphuka ngqo; noMoya oNgcwele, emva kwakhe, wamphakamisela phezulu ngqo. Wakhuphuka ngqo ngomgwaqo omkhulu wobungwele, wayongena ngqo eMbusweni kaNkulunkulu.

<sup>231</sup> UEliza, emva kokuba wayegxeke izinwele eziphunguliwe nobuso obupendiwe, yonke impilo yakhe, kwalowo Jezebeli, owesifazane wokuqala, yena nomengameli odumile wangalesosikhathi, owabeka isibonelo esingaphusile phambi kwabantu futhi wabehlisa bonke. Futhi—futhi, empeleni, wayecabanga ukuthi wayenguyena kuphela owayeshumayela lokho. Wavele nje wayithwala into ngandlela zonke.

Futhi wenze okukhulu kakhulu, waze wakhathala, futhi wayefuna ukuya ekhaya. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayengovela Phezulu. Wayedinga intambo yokukhwela, ukuba enyukele eZulwini, kodwa uNkulunkulu wamthumelela inqola inamahashi amabili ehintshelwe kuyo. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yokumthatha. Angahle ukuba wayekade ecinga intambo, kodwa uNkulunkulu wathumela inqola. Leyo kwakuyindlela yaKhe. UJoshuwa . . .

<sup>232</sup> Futhi ekupheleni komgwaqo, lokho kwakungukuphela kukaElija. Lowo kwakunguNowa. Owayekhona ngaso sonke isikhathi, ukuphela.

<sup>233</sup> Manje, uJoshuwa, ngenkathi esefika ekupheleni komzila, edabula ehlane, bhekisisani, wayedinga ibriji lokuwela iJordani, ayongena ezweni elithenjisiwe. UNkulunkulu . . . Yena, wayedinga ibriji. Kodwa indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yayingamandla, hhayi ibriji. Wathumela amandla, futhi Wahlehlisa umfula. Futhi wahamba wawela emhlabathini owomile. Leyo kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, hhayi ibriji. WayenoNjiniyela ongcono. Ngakho, Wavele nje wamthumela amandla, afuqa amanzi ahlehla waze wawela emhlabathini owomile.

<sup>234</sup> UDanyeli, ngenxa kaNkulunkulu, waphoswa emphandwini wezingonyama. Wayedinga uthango, kodwa uNkulunkulu wamthumelela iNgelosi. Ukwehluka okunje pho! Leyo kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Wayedinga uthango, kodwa uNkulunkulu umnika iNgelosi. Uthango olungcono kanje pho olwaluyilo! Njalo Ukunika okungcono kunalokho okucelayo, njalo. Yebo. Wayedinga uthango; uNkulunkulu wamthumelela iNgelosi.

<sup>235</sup> Abantwana bamaHeberu, babedinga amanzi, ukucisha lowomlilo. Kodwa uNkulunkulu wabathumelela iNdoda yesine. Yilokho kuphela ababekudinga. Waqaqa izandla zabo, wayesexoxa nabo. Baphuma bengenaphunga lomlilo kubo. Babedinga amanzi; Wabathumelela iNdoda yesine.

<sup>236</sup> Izazi enhla eBabiloni, enhla eNdiya, zazazi ukuthi into ethize ilungiselela ukwenzeka. Zazi ukuthi iNkosi yazalwa, futhi zazidinga inkombandlela. UNkulunkulu wazithumelela inkanyezi ukuziholela eNkosini. Niyabo? Zahamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Sengathi ngiyabona nje ezinye zazo zithi, “Awusho, Balthazari, uyazi, uyindoda enkulu. Uyiphathile inkombandlela yakho na?”

Wathi, “Qhabo.”

“Awu, uzofika kanjani lapho na?”

“Ngihamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.”  
Yileyondlela ke.

“Uzofika kanjani lapho na?”

“Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.”

“Iyini na?”

<sup>237</sup> “LeyoNkanyezi, yileyo ke. Leyo yindlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe thina.” Zazidinga inkombandlela, noNkulunkulu uzinika inkanyezi.

<sup>238</sup> Izwe lalidinga uMsindisi ngolunye usuku, futhi uNkulunkulu wahlinzeka ngeNdodana yaKhe. Ngenkathi Ifika, Ayivunywanga. Yayingafunwa. Bathi babefuna uMsindisi. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu ekuthumela ngendlela yaKhe... Bacela inkosi; uNkulunkulu ubanika iNgane. Babefuna indoda enamandla ukupitshiza bakhipe iRoma. UNkulunkulu ubanika encane, iNgane ekhalayo enqolobaneni. Niyabo? Kodwa kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Si... Kodwa babengayifuni ngendlela uNkulunkulu ayefuna ukuyithumela ngayo. Bayifuna ngendlela ababeyifuna ngayo. Niyabo? Ngakho, ngakho-ke, bangena enxushunxushwini ngoba abayimukelanga indlela yaKhe. Babekhona abanye abayemukela.

<sup>239</sup> Lena kwakuyindawo yokuzalwa kweBandla, kwakusePhentekoste, emva kokuba uJesu wayebathume ukuthi “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo.” Wayebatshelile ukuthi abenzeni. Wabatshela ukuba benyuke, umuzi waseJerusalema, futhi balinde. Babedinga incwadi enikeza ilungelo. Babedinga incwadi enikeza ilungelo. Babefuna ukudweba isivumokholo. UNkulunkulu ubanika uMoya oNgcwele. O! Babedinga ihlelo, kodwa uNkulunkulu ubanika uMoya. Umehluko onje pho, ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani! UMoya oNgcwele wawuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ukuhola iBandla, hhayi umbhishobhi. UMoya oNgcwele, yilokho-ke, leyo kwakuyincwadi yabo enikeza ilungelo. Futhi kusukela ngalolosuku, kuze kube yilolu, ibiyincwadi enikeza ilungelo yawo wonke umntwana weqiniso ozelwe ngokusha: uMoya oNgcwele.

<sup>240</sup> Manje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, bangani. Siyavala. Manje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, umuntu uzimisele ukuba nendlela yakhe. Wazenzela incwadi enikeza ilungelo. Wazenzela isayense ephathelene nenkambo elungileyo eyenziwe ngumuntu. Futhi wenzani na? Lapho sekuphenduke, ngayo, okukhulu ukuwa eQinisweni. Bachezukele e... Abantu abazi ukuthi bazokwenzenjani. Izivumokholo, amahlelo, zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamile, amadingozi, nawo wonke umuntu uthi, “IBhayibheli lisho *lokhu*.” Bayothatha lengxenye yaLo, kodwa bangeke bayithathe *leyongxenye* yaLo. Abayilandeli incwadi enikeza ilungelo, ngakho-ke balahlekelwa yimbangela.

Futhi emva kwayo yonke leminyaka, lapho sinamakhulu ayisishiyagalolunye nento ezinhlangotho zobuKristu ezechukene, futhi ngayinye igxeka enye, futhi ithi, “*Lokhu kulungile, futhi banephutha; na lokhu kulungile, na lokho kuyiphutha,*” nokunye nokunye. Nabantu abampofu badideke kakhulu abakwazi ukuthi ikuphi okulungile nokungalungile.

<sup>241</sup> Sidingani na? Sidinga ukubuyela embangeleni, sibuyele encwadini enikeza ilungelo. Sidingani na? Sidinga esangokoqobo, isibonakaliso sangokomBhalo sangempela seQiniso. IQiniso leVangeli eliqinisekisiwe yilokho iBandla elikudingayo kwalendlela yesikhathi sokuphela. UNkulunkulu wethembisa ukubanika isibonakaliso salolu suku lokugcina.

<sup>242</sup> Niyakhumbula ngenkathi uJesu ekhuluma futhi wathi, “Indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ngosuku lokugcina, iyakusukuma futhi isilahle lesisizukulwane?” Ivela emikhawulweni yomhlaba, ukuza kuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni. Wayenomoya wokubona okufihlakele. Ukuthi ivela kude kangakanani, ukuzobona lowomoya wokubona okufihlakele! Wathi, “Kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.”

<sup>243</sup> Wathi, futhi, “Njengase...njengomprofethi uJona. UJona, njengoba wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuba senhliziyweni yomhlaba, izinsuku ezintathu nobusuku.” Futhi Wathi, “Isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso.” Uma lesi kungesiso lesosibonakaliso, noma lesi sizukulwane, angazi ukuthi sikuphi: esibuthakathaka, esibi, esisontayo, isizukulwane esiphingayo. Bayofuna isibonakaliso, futhi Wathi bayosithola. “Ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu, kanjalo neNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba.” Kodwa kuyakubakhona ukuvuka, njengoJona uphuma esiswini somkhomo.

<sup>244</sup> UMalaki, isahluko 4, wasethembisa ukuthi ngezinsuku zokugcina, ukuthi, “Kuyovela uMlayezo oyophendula izinhliziyi zabantwana zibuyele ekuKholweni kobaba, ukuKholwa kwasekuqaleni kobaba.” Bakwethembisa. UJesu wakwethembisa. UkuKholwa kwamakholwa esikhathi sokugcina kuyobona isibonakaliso sobuMesiya sasekuqaleni. Qaphelani. Uma Evuswa kwabafuleyo...Futhi izivumokholo siMkhiphile, yonke leminyaka, futhi baliphika leloQiniso. Khona-ke into esifanele siyibheke, ngezinsuku zokugcina, ngokubuyela emuva e-ekuKholweni kwasekuqaleni, sibuyele ekuKholweni kobaba bephentekoste basekuqaleni.

<sup>245</sup> Futhi bakubonile ukuvuka kwaKhe. Futhi namhlanje sibona ukuvuka kwaKhe, isibonakaliso sokuvuka kwaKhe. UJona, izinsuku ezintathu nobusuku wayesesiswini somkhomo, futhi ngosuku lwesithathu wavuka emkhomeni. UJesu wavuka kwabafuleyo, emva kokuba siswini sawo izinsuku ezintathu.

Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili Ubengekho ebandleni. Kodwa Wethembisa, ngoJoweli, “Okushiye yisibotho, kudliwe yinkasa. Kodwa Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, konke isibotho, nenkasa, nesikhonyane, nokunye nokunye, esikudlayo. Ngiyakukubuyisela ngezinsuku zokugcina.”

<sup>246</sup> Umprofethi wathi, “Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Ilanga elifanayo elikhanya empumalanga likhanya entshonalanga. Kade kulusuku, usuku olumnyama. Bajoyinile, futhi babeka izivumokholo nezinto. Kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya: ilanga elifanayo, imiphumela efanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, isikhathi sokuhlwa.

<sup>247</sup> Wazifakazisa kanjani Yena uQobo ukuthi unguMesiya na? Manje, umbuzo ungukuthi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokugqonqa ngokumelana nakho, ngabe Usenguye uMesiya na? Awu, Ayeyikho ngaleyonkathi, amaHeberu 13:8 athi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ayeyikho ngaleyonkathi, Uzofanele afane namhlanje. Wazifakazisa kanjani Yena uQobo ukuthi unguMesiya na? NgokweZwi likaNkulunkulu. “Ngokuba uNkulunkulu wathi,” ngoMose, “iNkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami.”

<sup>248</sup> Yingalesosizathu owesifazane emthonjeni, ngenkathi Emtshela izono zakhe, “Ngani,” wathi, “Nkosi, ngiyabona Ungumprofethi wena. Siyazi nxa uMesiya efika Uyakusitshela lezizinto.”

Wathi, “NginguYe, okhuluma kuwe.”

<sup>249</sup> Wagijima ngokushesha wayesetshela abantu emzini. “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela engikwenzile. Lona kungebe nguye yini uMesiya impela na?” Nabantu bakukholwa, ngoba babebheke lesosibonakaliso sobuMesiya, iminyaka engamakhulu amane bengenamprofethi.

<sup>250</sup> UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu,” ngenkathi uNkulunkulu Ezembula emzimbeni wenyama, udla i—inyama yethole, waphuza ubisi oluvela enkomazini, wayesehlala lapho phambi kwabo. UNkulunkulu, uJehova, Yena wabonakaliswa enyameni, Efulathele ithende, futhi washo uSara ayexoxa ngakho ethendeni.

<sup>251</sup> “Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” IZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe liyisibonakaliso sosuku esiphila kulo. Kuyakuba ngukuKhanya. Futhi Wethembisa, ngoMalaki 4, ngezindawo eziningi zeBhayibheli, ukuthi abantu besikhathi sokuphela bayobona isibonakaliso esifanayo abasibonayo, ngoba Angesiguqule leso sibonakaliso. Wasethembisa.

<sup>252</sup> Manje, saMuzwa ekhuluma ngezilimi eKalvari. SiMbonile enza zonke izinto Azenzayo. Silibonile iBandla labaphostoli

emuva lapho ekuqaleni, ukuthi leloBandla labaphostoli, iminyakazo abayenzayo. Siyakubona kujika ngqo kubuyela eBandleni futhi lapha ngezinsuku zokugcina. Kuyini na? NguNkulunkulu, eqinisekisa, njengoba nje Enza kuMose, njengoba Enza eminyakeni. Uhlinzeke indlela ukuze singadukiswa, ukuthi sizokwazi. UJesu wathi, kuJohane 14:12, “Okholwa yiMi, izibonakaliso eNgizenzayo mina, imisebenzi eNgiyenzayo mina, naye uyakuyenza.” Kuyoba yilokho-ke. Manje, uma Afa futhi Ufile, khona-ke leyomisebenzi yanqamuka. Kodwa uma Ephila futhi, khona-ke imisebenzi yaKhe iqhubekela phambili njengoba kwakunjalo, ngokuba nguYena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>253</sup> Lalelani. Ake ngisho lokhu. UJesu wafakazisa ukuthi WayenguMesiya, ngezibonakaliso zeBhayibheli zikaMesiya. Wakufakazisa. Wayenguye. Manje, kwangathi uNkulunkulu angangivumela ngifakazise manje ukuthi Usenguye. Niyakukholwa na? Wakufakazisa. Wayenguye. Wafakazisa ukuthi Wayenguye. Kwangathi mina, ngomusa kaNkulunkulu, ngingafakazisa ukuthi Nguye. Wafakazisa ukuthi Wayenguye. Manje asifakazise ukuthi Nguye. Yilokho impela Akwethembisa. Yilokho Akusho. Yileyo ndlela Akusho ngayo. “Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>254</sup> Kuyini na? Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, indlela yokuvuka. Into eletha umuntu imsusa ebuthutheni bakhe, angene ekuKhanyeni kweVangeli; kumlethe kumsusa ebuchosheni bobuhlakani, njengokunye ukuphatha okukhulu komshini, futhi athobise inhliziyo yakhe phambi kukaNkulunkulu.

<sup>255</sup> “Awu,” wena uthi, “leyondoda ismati kakhulu, Mfowethu Branham. Yayineziqo ezine. IneZiqu zobuNgcweti. Inakho konke lokhu.” Angikhathali ukuthi inani. Izodingeka ikhohlwe yikho konke eyakufunda, ukuze yazi uKristu. Kunjalo. Izodingeka izithobe futhi idede kunoma yikuphi izwe elakwenza kuyo.

<sup>256</sup> Futhi ufunda uKristu ngokuzehlisa, uMkholwa ngesikhathi sokuhlwa. Ngitheni ngapha, ekuqaleni na? Bekuyini engikhulume ngakho lapha na? *Ukwemukela iNdelela Ehlinzekwe nguNkulunkulu NgesiKhathi SokuPhela*. Ngayinye yalamadoda, njalo ngeBhayibheli, ngemvelo, siyabona.

<sup>257</sup> Manje, uNkulunkulu akathathi isihlahla namhlanje, bese esenza enye into ethize, bese kuthi-ke kusasa asenze enye into. Qhabo. Wenza usuku, namhlanje amanzi esihlahla ashona phansi, kusasa ayabuya ngenye indlela, bese kuthi ngesikhathi esilandelayo Unazo zikhipha amanzi esihlahla na? Qhabo.

<sup>258</sup> Uhlala ngqo embangeleni. Futhi ngayinye yalawa madoda esikhulume ngawo, ngeBhayibheli, uNkulunkulu wahlala ngqo

embangeleni yaKhe nawo, ngeZwi laKhe impela. Akukho nayinye yawo eyayingekho impela eZwini laKhe, kulolonke iBhayibheli, eZwini laKhe impela.

259 Khona-ke uma uthi, “Awu, ngiseZwini laKhe impela,” khona-ke Uyakuqinisekisa lokho ukuthi kuyiQiniso.

260 Manje Usalokhu esembangeleni, kulobubusuku, uma nje sizokukholwa. Nizokwenza na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

261 Asikhothamise ikhanda lethu. Manje, ngakho konke nje ukuhlonipha kokuzithoba eningakwenza, okomzuzwana.

262 Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, ukuze Alethe amakholwa ekuKholweni koHlwitho. Indlela kaNkulunkulu, indlela yaKhe ehlinzekiwe, ukuletha amakholwa ekuKholweni koHlwitho.

263 Ngaphambi kokuba ngenze ukubizela ealtare, ngithanda ukusho lokhu. Ngizizwa ngiholeleka ekwenzeni lokhu. Ngabe bakhona abantu abagulayo endlini na? Phakamisa isandla sakho.

264 Ngizonicela ukuba nisize nithule nje du, nihlale nithule, kube kude ngomzuzu nje. Manje, sizophuma emizuzwini eminye emihlanu, uma nje nihlonipha ngokuzithoba ngempela.

265 Manje, niyabo, nina, uma niphazamisa, niphazamisa omunye umuntu.

266 Nginayo yonke into iphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele. Ngifanele ngibe nayo, ukuze ngenze lokhu. UNkulunkulu wenza isithembiso. Kwakungesimi. KwakunguYe owenza isithembiso.

267 Manje, ngokwazi kwami, kunabanye abantu lapha engibaziyo. Kunabanye engingabaziyo. Ngingabona empeleni cishe, ngiyathemba, cishe abantu abane engibaziyo. Nomunye wabo nguMfowethu Williams lapha, noMfowethu Rose. Ngiyabazi. NoMama Sharritt uhlezi ngale emnyango. Mina, kusobala, ngiyamazi. Nangu uDadewethu Williams ehlezi lapha. Ngiyamazi.

268 Nalelinenekazi elihlezi khona lapha, cishe izinhla ezimbili phambi kwami lapha, usebenza esitolo esomisa izimpahla, futhi ungumngani emndenini. Angilazi igama lakhe, kodwa ngikholwa ukuthi uyilunga lebandla likaMfowethu Outlaw enhla lapho. Ngicabanga ukuthi kunjalo.

269 Bese kuthi-ke ngibona uMfowethu Dauch noDadewethu Dauch, base Ohio, behlezi lapha. Ngimzwile uMfowethu Sothmann, emuva le lapho ndawo ndawo, ethi “amen,” esikhshaneni esedlule. Ngiyabhekisisa. Kuthi akube yilabo kuphela engibabonayo nengibaziyo phakathi lapha.

270 Bangaki abenu ogulayo, nowaziyo ukuthi angikwazi, phakamisani izandla zenu, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe,

phakamisa isandla sakho. Kulungile. Yibani nokukholwa nje manje futhi nikhholwe.

<sup>271</sup> Manje, uma nginitshele iQiniso, uNkulunkulu ubophezelekile ukuba aqinisekise ukuthi leloZwi liyiQiniso. Kunjalo na? Kuqinisele. Manje, leyo kuzoba yindlela ehlinzekiwe ke, ngokwalokho engikusho kulobubusuku. Leyo indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ukunitshela, “*Leli yiQiniso.*”

<sup>272</sup> Ngoba, noma ubani uyazi ukuthi akunakwenzeka nhlobo. Kuyoba yisimangaliso ukuthi isayense ingekuchaze. Ungeke wasichaza isimangaliso. Singaphambili le kokuchaza. Futhi uma uNkulunkulu engahle akhulume phakathi lapha, kulobubusuku, kumuntu oyedwa obezokwazi ukuthi bengiyisihambi kubo, futhi ngibatshela abakwenzile, noma abebengafanele bakwenze, noma abazokwenza, noma abebefanele bakwenze, noma into ethize, njengoba nje uJesu enza ngenkathi Elapha emhlabeni. Wazenza Yena uqobo waziwa emphakathini ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sobuMesiya. Bangaki okwaziyo lokho, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje-ke, ibandla liyakukholwa. Yileyo ndlela kuphela. Abantu, ngenkathi Enza lokho, ba . . .

<sup>273</sup> Owesifazane wathinta umphetho wengubo yaKhe. Waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na?” Ngokomzimba, Akamzwanga, kodwa kwakungukukholwa kwakhe okwakwenzayo.

<sup>274</sup> Manje, ningaba nalo lolohlobo lokukholwa uma nje nizokhuleka futhi nithi, “Nkosi Jesu, susa konke ukungabaza kimi. Susa ukungabaza kwami, futhi ngivumele ngikhholwe lokhu. Nginesidingo ngokushisekele. Futhi ngiyeza, kulobubusuku, ngokuba iBhayibheli lithi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.”

<sup>275</sup> Benazi yini, lesisibonakaliso, lesisimangaliso, besingakenziwa emlandweni selokhu kwaba ngukufa komphostoli wokugcina na? Kunjalo. Ngisanda kuphuma nje e—e . . . zonke izincwadi zomlando engaziyo ngazo, i *Babylons* kaHislop. Ngiphuma kwi *Foxe’s Book of the Martyrs*. Ngiphuma kwethi obaba bangaphambi kweNayisiya, uMkhandlu waseNayisiya, neNayisiya yakamuva. Ngiphuma kuzo zonke lezozincwadi. Akukho neyodwa indawo engike ngasibona kuyo, emlandweni kaMartin Luther, uJohn Wesley, imvuselelo yokuqala, imvuselelo yaseWales. Kade bekhala, bememeza, bedumisa uNkulunkulu, ekugcineni baqathakela ekukhulumeni ngezilimi. Kwase kuthi-ke lesi bekufanele kube yisibonakaliso sokugcina. Leyo kwakuyinto yokugcina iSodoma elayibona ngaphambi kokuba lishe.

<sup>276</sup> Futhi khumbulani, Akasembulanga kwiSodoma. Wasembula kuAbrahama, oqokiwe nokhethiwe. Nesiphiwo asiyi emabandleni okwezwe phandle lapha, uma niqaphela.



Siya eBandleni elikhethiwe. Yilabo ozuza ngaso. Yibo abazosemukela.

<sup>277</sup> Ukuba besingenziwa phandle lapho, bebeyosho into efanayo abayenzayo ngenkathi Esenza, “UnguBelzabule, umbhuli.” Futhi noma ubani uyazi ngumbhuli, uyazi ukuthi leyo yi—leyo yinto ehlanyayo ngisho nokusho. Abawazi umgomo wokuqala wokufunda ingqondo noma wokubhula. Lowo ngumsebenzi kadeveli, ezama ukukupisha umsebenzi kaNkulunkulu.

<sup>278</sup> UNkulunkulu ukhombisa umprofethi; udeveli unesangoma. Ababili basondelene ndawonye impela. UJesu wathi cishe impela kuyokhohlisa abaKhethiweyo, uma kungenzeka. Kuyiqiniso. Sinezinqwaba—zinqwaba zokuzifanisa. Wathi, “NjengoJambre noJane bamelana noMose, kanjalo lababantu abonakele ingqondo, abanganaki iQiniso. Kodwa ubuwula babo buyotholakala.”

<sup>279</sup> Manje, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngithatha lezizethameli zibe phansi kokulawula kwami, kodwa ngokukaMoya oNgcwele, ngoMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>280</sup> Ngiyanicela, njengamakholwa, ninganyakazi. Hlalani nithule. Futhi niyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ukuthi ngilapha ukwazisa imisebenzi yaKhe nezindlela zaKhe.

<sup>281</sup> Kade ngimadolonzima impela ngalezizinto, ishumi nesihlanu, iminyaka eyishumi nesithupha kade ngisensimini. Kodwa kunehora elizayo manje lapho into ethize ilungiselela ukwenzeka. UMLayezo uzoya kwesinye isizwe, abany’abantu. Kodwa siseseBukhroneni boBukhona baKhe obuNgcwele... IBandla eMelika, ngiyakholwa, selithi nje alibizelwe ngaphandle. Seliqediwe, Seligeziwe, Selilungele, iBandla langempela. Ukuzenzisa kusalokhu kusasele kuqhubeka. Kodwa iBandla leqiniso laliyiBandla leqiniso, kwasekuqaleni, abazelwe ngokusha, abamiselwe ngaphambili obizweni lukaNkulunkulu.

<sup>282</sup> Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, ngikucela ukuba ukhuleke futhi uthi, “Nkosi Jesu,” enhliziyweni yakho, “mangithinte ingubo yaKho. Futhi ngiyokwazi kanjani ukuthi UsengumPristi oMkhulu ofanayo na? Khuluma kimi ngezindebe zikaMfowethu Branham. Futhi uma engitshele iQiniso, okungukuthi, ngikholwa ukuthi ungitshele lona.”

<sup>283</sup> Qiniseka ukukuphatha lokho emkhulekweni wakho, ngoba Wangitshela, “Uma uthola abantu ukuba bakukholwe.” Yileyo kuphela... wena... Wayengenakuyenza imisebenzi yamandla eminingi, ngoba abaMkholwanga. Ningangikholwa njengaYe, kodwa kholwani ukuthi Wangithuma. Futhi ngilapha ukuMbonakalisa. Wafakazisa ukuthi Wayekhona. Kwangathi uNkulunkulu angangisiza ukufakazisa ukuthi Uvukile kwabafileyo, uMesiya, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

284 Manje yibani semkhulekweni nje. Ngiyabhekisisa futhi ngilindile. Khuleka nje. Futhi uma iNkosi izosipha khona, futhi izofakazisa kini ukuthi lesi yisibonakaliso sesikhathi sokuphela, nizohamba ekuKhanyeni na? NizoMkholwa, nibe nokukholwa kuYe na? Akabheki buso bamuntu. Yibani nokukholwa nje, njalonjalo, ndawo zonke. Manje, nisakhothamise amakhanda enu, ngibonga iNkosi.

285 Nakhu lokho kuKhanya enikubona esithombeni. Ukhona lapha kulendlu manje. Futhi ngiKubona eceleni ngqo kowesifazane ohlezi ngakwesokudla sami. Ukhulekela indodana esenkathazweni. Ungangabazi nje. Yiba nokukholwa.

286 Ngakwesokunxele sami kunowesifazane, futhi uyesaba. Wesaba ukuthi unomdlavuza. Uqhaq hazeliswa kakhulu impela ngakho. Ngithemba ukuthi akakugeji. Owesifazane uzamile, isikhathi eside, ukucindezela indlela yakhe angene. Uyesaba. Akasuye owalapha. Uvela kwelinye idolobha. Nedolobha liyidolobha elincane kunaleli, nakuba lingaseningizimu ukusuka lapha. Liseceleni kwentaba. YiTucson. Igama lenenekazi nguNkk. Bach. Uyakholwa na? Uzokwemukela ukuphiliswa kwakho na? Kulungile. Ungabe usakwesaba. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

287 Inenekazi eligama linguNkk. Hushey. Ungakhohlwa. UNkulunkulu angafakazisa ukuthi leyo ndodana imsulwa, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ungangabazi. Yiba nokukholwa. Kholwa.

288 Inenekazi lihlezi ngapha eceleni ngakwesokudla sami, liphethwe yinkathazo yenhliziyi. Igama lalo nguNkk. Cloud. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, yemukela ukuphiliswa kwakho, uNkulunkulu uSomandla uzokusindisa. Uzokukholwa na? Kulungile. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

289 Inenekazi le emuva lapha ngakwesokudla sami, ohlwini olungasesandleni sokudla, eligqoke ingubo emnyama ngokuphaphathekile. Nkk. Yates, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, nenkathazo yeqolo lakho izosuka kuwe. O, he!

290 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NiyaMkholwa na? [“Amen.”] Ngabe Unguyena izolo, namuhla, naphakade na? [“Amen.”] Manje, uma Ekufakazisa lokho, futhi niyabona ukuthi kuqinisele, nalabobantu bazofakaza ukuthi angikaze ngibabone empilweni yami.

291 Kodwa, bukani, manje, uma nizothatha izwi lami ngalokho engikushoyo, uma nizokholwa ngayo yonke inhliziyo yenu futhi nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye, nizophiliswa uma nizovele nje nikukholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Yisibonakaliso sesikhathi sokuphela.

292 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, wena ozokhulekela omunye nomunye. Uma uyisoni, vuma izono zakho.

Uma ungumhlubuki, vuma ukuthi unephutha. Uma ugula, vuma ukuthi ufuna ukuphiliswa, futhi uthi, “NgiyaKukholwa, Nkulunkulu.”

<sup>293</sup> Manje, iBhayibheli alizange lithi, “Imikhuleko kaWilliam Branham nje iyokwenza lokhu.” Kodwa Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>294</sup> Manje, kukangaki, kukangakanani nginani, Phoenix na? Lena sekuthi akube yiminyaka eyishumi nesikhombisa, kade ngiza lapha. Senake nakubona kufakazeleka ukuthi kuyiphutha kanye na? Ngabe bekuhlala njalo kungayo impela nje indlela uMoya oNgcwele owakukhuluma ngayo. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kazinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, nangezininginingi zezikhathi; kukangaki umhlaba jikelele, bazo zonke izizwe, nezihlobo, izilimi, nabantu; nguJesu Kristu, hhayi umfowenu. Futhi nginicaphunela iZwi laKhe. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

<sup>295</sup> Manje bekani izandla zenu phezu komunye umuntu futhi nibakhulekele. Ninga... Ungazikhulekeli wena manje, ngoba bakhulekela wena. Wena khulekela bona. Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu eBukhoneni bukaJesu Kristu obuhloniphekile, Ozifakazela yena uQobo ukuthi uphakathi kwethu. Manje, UnguNkulunkulu wenu, ngokufanayo njengoba EnguNkulunkulu wami. Manje khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lakho. Khulekela lowomuntu ababeke izandla zabo phezu kwakho. Phinda ubakhulekele, futhi ukholwe kuNkulunkulu.

<sup>296</sup> Vuma izono zakho, uthi, “Nginephutha, Nkosi. Kade ngingumngabazi; ngeke ngisaba nguye. Ngikholwa khona manje ukuthi Uzongiphilisa.”

<sup>297</sup> “Philisa lomuntu, Nkosi. Philisa lona wesifazane. Philisa lona wesilisa. Philisa lona wesifazane. Philisa ingane. Philisa itshitshi, ibhungu.”

<sup>298</sup> O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, singahlala kanjani lapha, Nkosi na? Lokhu bekufanele kulethe ukuKholwa koHlwitho, amandla kaNkulunkulu abengashwiba zonke lezizethameli, Nkosi, zingene ezimpakamweni eziphakeme kakhulu, nezenkazimulo kaNkulunkulu.

<sup>299</sup> Makuthi udeveli, obebophe lababantu, abadedele; phezu kwe—kwesithembiso sikaNkulunkulu engikholelwa kuso, phezu kweBhayibheli engilifundisayo, phezu kukaNkulunkulu Ofakazisa ukuthi yiBhayibheli, elifakazisa ukuthi UnguNkulunkulu weBhayibheli. Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Usaphila phakathi kwethu kulobubusuku, evukile kwabafileyo, onguyena izolo, namuhla,

naphakade. Phezu kwezisekelo zeGazi laKhe elichithiwe, noBukhona baKhe obuphilayo, ukuBakhona, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ngiphosela udeveli inselelo nawo wonke umoya wakhe ongenamandla wokugula nezifo, adedele lababantu, eGameni likaJesu Kristu. Phuma kubo, ukuze bahambe bakhululeke. Dedela lesosoni. Dedela lowomhlubuki. Dedela lowo wesilisa ogulayo noma owesifazane. Ngibiza ukuphiliswa kwabo, insindiso yabo, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Bayeke, wena ongcolile, omubi, umoya ongcolile wokungakholwa nokungabaza. Suka kulelibandla, kulesisigejane sabantu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>300</sup> Ngiyakholwa. Ngikhohla ukuthi umkhuleko wokukholwa usukhulekiwe. Ngifuna nenze into ethize manje. Khona lapho enikhona, bethelani isigxobo phansi engqondweni yenu, “Khona lapha kulesisihlalo, kulobubusuku, ngenkathi ngima futhi ngezwa iZwi, ngabona uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe, efakazisa ukuthi Liqinisile, umkhuleko wokukholwa usukhulekelwe mina. Uma udeveli ezoke ake azame ukungitshela futhi ukuthi ngiyagula, kumbe noma yini engalungile, ngizombuyisela ngqo kulesisigxobo. Khona manje umkhuleko wokukholwa usukhulekelwe mina, futhi ngisindisiwe ekuguleni kwami. Ngisindisiwe ezonweni zami. Ngingumntwana kaNkulunkulu, futhi angisezukuwalungiselela amanga kadeveli. Ngiyinceku kaNkulunkulu ekhululekile.” Amen. Nizokwenza na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Phakamisa isandla sakho bese uthi, “Ngiyakukholwa.” [“Ngiyakukholwa.”] Amen. Amen.

<sup>301</sup> Kimi, lokho kuyakuxazulula. Umsebenzi sewenziwe. Sekuphelile. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakufakazisa. Angenza kanjani noma yini enye ngaphandle kokuqinisekisa iZwi laKhe na? Uma Ezokuqinisekisa kimi, Angakuqinisekisele khona. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

<sup>302</sup> Asime ngezinyawo zethu futhi siMdumise, ke, Mnikeni lonke udumo nenkazimulo. Amen. Kulungile. Udumo kuNkulunkulu!

<sup>303</sup> NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. SiyaKuthanda. SiyaKudumisa. Siyazemukela lezizinto. Siyakholwa ukuthi Ukwenzela thina manje. Wena unguMsindisi wethu. Wena unguMphilisi wethu, futhi siyaKuthanda ngakho. Malibusiswe iGama leNkosi, kuze kube phakade. Yemukela lababantu, Nkosi, futhi bavumele babe yizinceku zaKho kusukela manje kuqhubeke, ngeGama likaJesu.

UNkulunkulu anibusise.



*UKWEMUKELA INDLELA EHLINZEKWE*  
*NGUNKULUNKULU NGESIKHATHI SOKUPHELA ZUL63-0115*  
(Accepting God's Provided Way At The End Time)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa, ngoJanuwari 15, ngo 1963, e Church Of All Nations ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)